


## UMBONO, IMIGOMO, IZINHLOSO NAMASU

Ukwenza ngcono ukulethwa kwaManzi nezeNhlanzeko emiphakathini yethu ngezindlela ezintsha eziphephile ngaphambi kuka-2050.

## ISITATIMENDE SOMSEBENZI

Ngokubambisana nemiphakathi nabathintekayo, i-Harry Gwala District Municipality izoqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi nezenhlanzeko.

## IZINSIKA EZIMQOKA

- Ukwethembeka
- Ukungabi namfihlo
- Ukubonisana
- Ukuzinikela nobuQotho

## Lolu hlaka luveza ukuthi izakhiwo zamaKomidi, oSihlalo bawo namalungu - 2024/2025:

**IKOMIDI ELIPHEZULU**

| | |
|---|---|
| Khansela ZD Nxumalo | iMeya (uSihlalo) |
| Khansela TN Jojozi | iPhini leMeya |
| Khansela SD Bekwa | iLungu |
| Khansela Z Tshangase | iLungu |
| Khansela KS Dlamini | iLungu |

**IKOMIDI LE-MUNICIPAL PUBLIC ACCOUNTS (MPAC)**

| | |
|---|---|
| Khansela NW Dladla | uSihlalo |
| Khansela N Mda | iLungu |
| Khansela BL Marnce | iLungu |
| Khansela BR Memela | iLungu |
| Khansela HA Lukhozi | iLungu |

**IKOMIDI LE-BUDGET AND TREASURY OFFICE**

| | |
|---|---|
| Khansela ZD Nxumalo | Chairperson (eMeya) |
| Khansela TN Jojozi | iLungu (iPhini leMeya) |
| Khansela SD Bekwa | iLungu (Exco) |
| Khansela KS Dlamini | iLungu (Exco) |
| Khansela SRL Nzimande | iLungu |

**IKOMIDI LE-CORPORATE SERVICES**

| | |
|---|---|
| Khansela TN Jojozi | uSihlalo (iPhini leMeya) |
| Khansela B Sibeni | iLungu |
| Khansela TSH Gamede | iLungu |
| Khansela XM Memela | iLungu |
| Khansela PN Damoyi | iLungu |

**IKOMIDI LE-SOCIAL SERVICES AND DEVELOPMENT PLANNING**

| | |
|---|---|
| Khansela TN Jojozi | uSihlalo (iPhini leMeya) |
| Khansela NH Zaca | iLungu |
| Khansela PK Memela | iLungu |
| Khansela NC Dlamini | iLungu |
| Khansela N Mhatu | iLungu |

**IKOMIDI LE-INFRASTRUCTURE SERVICES**

| | |
|---|---|
| Khansela ZD Nxumalo | uSihlalo (iMeya) |
| Khansela ZP Dlamini | iLungu |
| Khansela NR Mtshali | iLungu |
| Khansela HV Msomi | iLungu |
| Khansela ZM Ngidi | iLungu |
| Khansela Z Tshangase | Member (Exco) |
| Inkosi VV Zimema | (Ex Officio) |

**IKOMIDI LAKWA-WATER SERVICES**

| | |
|---|---|
| Khansela SD Bekwa | uSihlalo |
| Khansela SG Mkhize | iLungu |
| Khansela TG Soni | iLungu |
| Khansela ZR Tshazi | iLungu |
| Khansela NH Malimela | iLungu |
| Khansela N Mathe | iLungu |

**IKKOMIDI I-LOCAL LABOUR FORUM (LLF)**

| | |
|---|---|
| Khansela SRL Nzimande | uSihlalo |
| Khansela ZR Tshazi | iLungu |
| Khansela ZP Dlamini | iLungu |
| Khansela TSH Gamede | iLungu |

**IKHOMISHINI YE-WOMENS MULTI PARTY**

| | |
|---|---|
| Khansela ZP Dlamini | uSihlalo we-Women's Caucus |

***Wonke amaKhansela abesifazane angamalungu***

# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Isethulo seMenenja kaMasipala | 06 |
| Umbiko ngamanzi - udidiyelwe ithimba lamanzi eHarry Gwala | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 08 |
| UMkhandlu kaMasipala weSifunda i-Harry Gwala Wamukela Isabelo sika-2025/26 | 10 |
| Injabulo intsha engasebenzi ithola ukwesekwa uMasipala weSifunda i-Harry Gwala | 13 |
| Amanzi aphephile emphakathini waseButateni | 14 |
| UMasipala weSifunda i-Harry Gwala nesithangami sezokuxhumana | 15 |
| I-Harry Gwala emkhankasweni wokuvala igebe lemishanguzo | 16 |
| Kwethulwe uMasipala i-Johannes Phumani Phungula Local Municipality Launch | 17 |
| Yazi uMasipala Wakho | 18 |
| Bathini Abantu | 19 |
| Umbiko Wezinhlekelele: Izinhlekelele ezenzeke phakathi kuka-Ephreli noJuni 2025 | 20 |
| Injabulo kubongelwa umdlali we-netball obemele iHarry Gwala eNamibia | 22 |
| Uhlelo lokufundisa ngezempilo zokuhlolwa kwamehlo | 23 |
| Ingqungquthela yemvelo nemfucuza: "Imfucuza Iyimali" | 24 |
| Umhlangano woMkhandlu oyisipesheli wokuhlonipha umholi wendabuko, Inkosi uThanduxolo Baleni | 25 |
| Umlando ngoMqondisi oMkhulu omusha | 26 |
| Izwi lakho limqoka namaphupho akho kufanele uwafeze - uKhansela Damoyi | 27 |
| 'Izingqwele' zeDistrict Development Model zivakashela uMasipala weSifunda iHarry Gwala | 28 |
| Umkhankaso wokuqwashisa ngesihluku sobulili: Sidodisa abafana abazoba obaba bangomuso | 30 |
| IHarry Gwala nesithangami sokubonisana seG20: IMeya ibeka eqhulwini intuthuko yengqalasizinda | 31 |
| Umbiko Ngengqalasizinda | 32 |
| Isaziso Somphakathi: Uhlelo lukaShwele | 33 |
| UMasipala weSifunda iHarry Gwala emidlalweni yoMngeni-Uthukela Water | 34 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI

# Ezokuxhumana zakha ubuhlobo



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

KUYINTOKOZO ukunamukela futhi kulolu shicilelo lokuxhumana ukunilethela izindaba ngezinhlelo zikamasipala nemisebenzi eqhubekayo, lapho sithinta ezokulethwa kwentuthuko ngaso sonke isikhathi. Ukulethwa kwezidingo kubantu kuyinto ephambili kumasipala. Ngifisa ukusebenzisa leli thuba ngibingelele, ngiphinde ngibonge kini nonke ngokweseka umsebenzi kamasipala, nokuzihlupha kwenu ngezentuthuko ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala.

Uma sithi jeqe emuva kule kota yonyaka esisuka kuyo, kuyacaca ukuthi uMasipala weSifunda iHarry Gwala isithathe igxathu elibonakalayo kwezokubusa kuhulumeni, ukulethwa kwezidingo kubantu, ukuthuthukiswa kwentsha, ezengqalasizinda nokufukuleka komphakathi. Lolu shicilelo luqukethe amasu amasha nezifiso ezikhangisa iSifunda esingagcini ngokuhlabela phambili kodwa esilalela abantu, sibonisane nabo bese senza izinguquko.

Umhlangano woMkhandlu weSabelomali ovulekekile wakamuva uluphawu olumqoka lokuzinikela ekuphatheni ngendlela engenamfihlo neyokuphatha ngokubambisana nabantu. Isabelomali sethu sika-2025/2026 sigcine sifinyelele ku-R992.8 million, okuveza ukwenyuka ngo-4% (noma R35.9 million) emalini engenayo uma uqhathanisa nonyaka-mali ka-2024/2025. Abantu beSifunda bebeyingxenye yomhlangano ukuze baveze ukuthi banezwi ekubunjweni kohlelo lalokho okuseqhulwini kuMasipala. Lena yintando yabantu futhi siyaziqhenya ngokuthi umphakathi wethu uhamba nathi kule ndlela, awusali ngaphandle.

Izindaba ezithinta intsha zisalokhu ziseqhulwini ngekusasa lethu. Ukugujwa kwenyanga yentsha okwenzeke ngoJuni e-Ixopo Soweto Hall, kuveze omkhulu umdlandla, kwaqhakambisa amathalente, ithemba nokuvuthwa kosomabhizinisi abasebancane kubo bonke omasipala bezindawo. Kube mnandi ukuba sivalelise uSinegugu Gamede, ongumfundi ka-Grade 11 eShayamoya High School eKokstad, ophakamise ifulegi leSifunda emidlalweni ibhola lomnqakiswano kazwelonke. Ubeyisibonelo esihle, uhambo lwakhe lwakhuthaza intsha eningi eHarry Gwala.

> **_"Inyanga kaJulayi ibinothile ngemicimbi obekukhona kuyo nokulungiselelwa kwe-G20 Africa Local Government Summit ebanjelwe eHarry Gwala, kwaba nenguyazana yamadoda "Amadoda Men's Dialogue" ibigxile kwezomndeni, ezempilo nobuholi._**

Emizamweni yethu yokuqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi, umasipala ugunyaze ukusebenza kwe-borehole entsha eButateni. Lo msebenzi uveza ukuzinikela kwethu ekufezeni izethembiso zokulethwa kwezidingongqangi nasemiphakathi esemakhaya. Umbiko ngengqalasizinda yamanzi kulolu shicilelo ukhombisa ngokuphelele inqubekela phambili esiyenzekile kanye nezinselelo eziqhamukayo njengoba siqhubeka namaphrojekthi okusondeza amanzi eSifundeni sonkana.

Ukukhula kwengqalasizinda yethu kuhambisana nokukhula olwazini ngobumqoka bokubhekela imvelo. Ingqungquthela i-Enviromental Waste Indaba ebibanjelwe eMzimkhulu iqhakambise izinyathelo ezinqala esezithathiwe ukulwa nokunukubezeka kwemvelo, ukugqugquzeleka kokutshalwa kwezihlahla nokukhuthaza abantu ukuba babe yingxenye yokulawulwa kwemfucuza. Phezu kwalokhu, abezimo zezinhlekelele basebenze ngokuzikhandla ukusiza izakhamuzi ezahlukumezeka kunomoya omubi. Kube noshintsho olunqala ngesikhathi umasipala wendawo iJohannes Phumani Phungula Local Municipality wethulwa njengendlela yokuhlonipha isishoshovu somzabalazo u"Pass 4" Phungula.

UMasipala wethu uphinde wavakashelwa oyiso ohlelweni lwe-District Development Model uSolwazi Blade Nzimande onguNgqongqoshe weSayensi, ezoBuchwepheshe nokuSungula. Ubehambisana nePhini likaNgqongqoshe wezokuVikela uMnuz Richard Mkhungo ukuzoba yingxenye yezinhlelo zokungenela kukahulumeni ekusheshiseni intuthuko. Inyanga kaJulayi ibinothile ngemicimbi obekukhona kuyo nokulungiselelwa kwe-G20 Africa Local Government Summit ebanjelwe eHarry Gwala, kwaba nenguyazana yamadoda "Amadoda Men's Dialogue" ibigxile kwezomndeni, ezempilo nobuholi. le micimbi ididiyele ongoti nezakhamuzi ukwakha amakhaya aqinile.

Ukwethula inyanga yabesifazane, u-Agasti, siqale uchungechunge ngabesifazane abanamagalelo nemisebenzi yabo emihle ebuholini, ukuthuthukiswa komphakathi nenhlalakahle jikelele.

Siphetha ngokwamukela nokubongela uMqondisi omusha wophiko lwakwa-Social Services and Development Planning, uNkz Thobeka Mahlaba. Umlando wakhe ubeka obala amava nobuchule afike nabo ethimbeni lobuholi eSifundeni.

Thina-ke njengoPhiko lwezokuXhumana, owethu umsebenzi akuwona owokuletha izindaba kuphela kodwa ukufukula nokwakha ubuhlobo. Sinethemba lokuthi nizoluthokozela lolu shicilelo olumumethe. Sikholelwa ekutheni luyisibuko sabantu somdlandla, ukuvuthwa nokuba umasipala wabantu esiyikho - indawo lapho izwi lakho limqoka, noma ngabe ukuliphi igumbi eSifundeni.



**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOMPHAKATHI (PRO)



**SIBONGILE KUNENE**
WEZOKUXHUMANA EMKHANDLWINI



**UNKS UATH'ENKOSI BAQWA**
ISEKELA KWEZOKUXHUMANA



**UNKS UFUNDISILE QOZA**
ITHWASA KWEZOKUXHUMANA KWI-EPWP

# UMeya ukhuthaza abesifazane ukuba babe yingxenye ye-G20 Summit, ugxeka isihluku aphinde ehlabe ikhwelo lokuba bavikelwe



UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo

**Umlayezo ka-2025 weNyanga yaBesifazane**

NJENGOBA izwe ligubha inyanga yabesifazane, ngithi angikusho ukuthi kubalulekile ukuba sikwenze lokhu unyaka nonyaka siphakamise impumelelo yabesifazane, siphinde samukele umnikelo abawenza ekukhululweni kwezwe, sikhuthalele nokunikwa amandla nokuphepha kwabo.

Kafushane, sibonga abesifazane ngeqhaza labo emphakathini, emnothweni wezwe, futhi ngigqugquzela ukuba bangabe besama ekubeni yinhliziyo ezakhiweni zemindeni ezizukulwaneni ezahlukene.

Umlando ugcwele izibonelo zokuthi abesifazane babeneqhaza elikhulu ekudilizweni kwezindonga zengcindezelo yabamnyama ezweni, manje-ke sigubha le minikelo yamaqhawekazi ayizolo nezishabasheki ezalwa zilwela amalungelo abesifazane nawabantu bonke.

**Ukufukulwa kwabesifazane, kuqedwe isihluku**

Enye yezinto ezinobungozi bokuqhubekela phambili kwabantu besifazane ngenkululeko imbibizane yesihluku esibhekiswe kubo abesilisa. Ngifisa ukukhuthaza abesifazane ukuba besekane, bazinakekele futhi babike noma ngabe yiluphi uhlobo lokuhlukunyezwa ababhekana nalo.

Ngiyafisa futhi ukuba ngihlabe umkhosi ngokubambisana ekulweleni ukulingana kobulili, kususwe yonke imigoqo engama endleleni, siqinisekise nokuphepha nokuphila okuhle kwabesifazane. Njengamadoda, thina kumele sibambisane nabesifazane emikhankasweni yokwakha imiphakathi engcono.

> ***Ngiyafisa futhi ukuba ngihlabe umkhosi ngokubambisana ekulweleni ukulingana kobulili, kususwe yonke imigoqo engama endleleni, siqinisekise nokuphepha nokuphila okuhle kwabesifazane. Njengamadoda, thina kumele sibambisane nabesifazane emikhankasweni yokwakha imiphakathi engcono.***

**G20 - Inhlabamkhosi yokubeka eqhulwini intuthuko yengqalasizinda kuMasipala iHarry Gwala**

Sikhuluma nje izwe limatasa nokulungiselela ukusingatha umhlangano wamazwe owaziwanga nge-G20 Summit ozoba ngasekupheleni konyaka. Kulo nyaka uMasipala weSifunda iHarry Gwala ubeke eqhulwini ukuthuthukiswa kwengqalasizinda, ikakhulu emadolobheni amancane asemakhaya. Lolu wuhlelo oluzoba sezithebeni kakhulu ekubonisaneni kwethu ngaphambi kwale Summit ezoba seGoli ngoNovemba 2025.

Igama elithi G20 limele ukuthi 'Group of Twenty'. Lena yinkundla lapho kuhlangana khona amazwe athuthukile nalawo asathuthuka, kubhekwa izisombululo ezindabeni zomnotho nezezimali zomhlaba. Ngesikhathi kuqhubeka le ngqungquthela, kumele sisebenzise lelo thuba ukuncela ulwazi kwamanye amazwe asethuthukile ukuthi yiziphi izindlela ezingasebenza kangcono ukuthuthukisa ingqalasizinda ukuze izindawo zethu zihehe amabhizinisi okuyiwo azokhulisa umnotho.

Ngisho kanje ngoba ukufaka imali nokulungisa imigwaqo kuzokwenza kube lula ukuthi uhulumeni nabomkhakha wamabhizinisi abazimele benze ngcono ukuhlaliswa kwabantu, okuzoholela ekukhiqizeni okuhle, kwakheke amathuba emisebenzi ukuze kukhule umnotho.

Amazwe ayingxenye ye-G20 kukhona kuwo i-Argentina, Australia, Brazil, Canada, China, France, Germany, India, Indonesia, Italy, Japan, Republic of Korea, Mexico, Russia, Saudi Arabia, South Africa, Türkiye, United Kingdom neMelika,, bese kuba inhlanganisela yamazwe ezifunda ezimbili i-European Union ne-African Union.

Amalungu e-G20 adidiyela ndawonye iminotho emikhulukazi emhlabeni, amele u-85% womnotho womhlaba wonke nokwehwebelana okungu-75% nabantu abayingxenye nesigamu sesibalo sabantu abasemhlabeni wonke.

Kamuva nje, uMasipala weSifunda iHarry Gwala uphasise isabelomali sonyakamali ka-2025/2026. Ngesikhathi kwethulwa lesi sabelomali ngaphawula ngokuthi ngizizwa ngihloniphekile ukwethula ibhajethi ka-2025/2026 okungekhona ukuthi ihlelwe ngabathile, kodwa ewumphumela wokubonisana, ukucabangisisa nokuzinikela ekusebenzeleni abantu, ubuqotho bokulandela imigomo yokusebenza kwemali nentuthuko, kanye nokulandela imiklamo yohlelo lwentuthuko edidiyelwe (IDP).

Enkulumweni yami ngaphawula ngokuthi ibhajethi ka-2025/2026 lapho iSifunda sethu sibhekene nezinselelo ezimbili zokwenza kangcono ekulethweni kwezidingo nesimo esiphoqa ukuthi sibophe isifociya ngakwezezimali. Kodwa, ngenxa yokuthi silawulwa inqubomgomo yokulinga, ukusebenzela inqubekelaphambili nokwethembeka sikwazile ukwethula isabelomali esizoqhubeka sibe yimpendulo ezinselelweni zethu ezahlukile zezindawo ezisemakhaya sibe sakha isisekelo esiqinile ukulungiselela ingomuso.

Kwaziwa yinoma ubani ukuthi umnotho wezwe usesimweni esilukhuni, lapho umnotho ukhula ngonyawo lonwabu ekubeni izingxenye eziningi zemiphakathi yethi zibhekene nobubha nokuswelakala kwemisebenzi. Yize bukhona ubungcono, kodwa akulindelekile ukuthi umnotho ukhule ngamandla afanele ukubhekana nezingqinamba ezikhona.

Indaba yamanzi nenhlanzeko yizona zinto eziseqhulwini okumele senze umehluko ngazo. ISifunda sethu sinabantu abangu-510 865, u-53% wabo kungabesifazane (271 284). Ibhajethi eyisethulo kaR296 million yaphasiswa ukuze kuphuculwe isimo sempilo kubantu eSifundeni. Uma engekho amanzi ahlanzekikle, omama nobaba bethu, nentsha ngeke babe nesithunzi esibafanele. Njengaba phakeli bamanzi umsebenzi wethu omkhulu ukuqinisekisa ukuthi umuzi nomuzi, isikole nesikole namabhizinisi onke bayawathola amanzi.

Kulo nyaka-mali ka-2025/2026 umasipala ubeke eceleni isabelo sika-239 million, okuyimali esuka esikhwameni se-Municipal Infrastructure Grant oqondene namanzi nenhlanzeko. Umasipala uphinde wahlinzeka u-15% wale mali (R37.6 million) ukulungisa ingqalasizinza endala ngophiko lwakwa-Operations and Maintenance kanjalo nolwaka-Asset Management. Imali efika ku-R 41.4 million ihlinzekwe ngohlelo lwangaphakathi ukubhekele ukusebenza kahle kwezinhlelo ezikhona zamanzi nenhlanzeko isifunda sonkana.

Kunezinhlelo eziningana zengqalasizinda yokulethwa kwamanzi nenhlanzeko eSifundeni esihlose ukuba ziqedwe maduze. Sesisonke isabelomali sikamasipala wethu sifinyelele ku-R992.8 million. Ngalesi sabelomali, sikholelwa ekutheni sizokwazi ukushaya isixaxa emkhankasweni wethu wokulethwa kwezidingo ngokwezinhlelo ezibekiwe. Uma sehluleka yilokho, kuyosho ukuth asikwazanga ukubhekana nezidingo zomphakathi. Ngiyabonga kakhulu, uNkulunkulu anibusise.

# Unyaka ka-2025/2026 owokuphucula ukulethwa kwezidingo, ubuqotho nokuthuthukisa umphakathi



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

NGIBINGELELA zonke izakhamuzi, amakhasimende nesibambisene nabo kuMasipala weSifunda iHarry Gwala. Njengoba siqala unyaka-mali ka-2025/2026, iSifunda sethu sizinikele ekuqinisekiseni ukuthi ukulethwa kwezidingo kuseqhulwini kukho konke esikwenzayo.

Njengamanje uMasipala usufinyelele esigabeni sokugcina sokuba kuphothulwe umbiko wezezimali (Annual Financial Statements). Abenza lo msebenzi abantu abaziyo ukuthi benzani futhi banesipiliyoni esifanele. Yize sigxile ekwethuleni umbiko wezezimali, uMasipala uphinde ubhekisise nokulawuleka komsebenzi okufanele uhanjiswe kanye nombiko kuMcwaningi Mabhuku Jikelele.

Ngokwehhovisi lami, ngingasho ukuthi esikwenzayo kusezingeni eliphezulu. Umbiko wethu wezimali yiwo ozokhombisa ngokuphelele ngokusebenza kukamasipala, impumelelo nezinselelo esibhekane nazo kulo nyaka wezimali.

Lo mbiko wonyaka uphinde uveze ukusebenza kukamasipala ngokwesabelomali ebesihleliwe. Uphinde welekelele njengombiko lapho abantu abangaphansi kukaMasipala abangakwazi ukusahlulela ngesikwenzile nokwenziwe izinhlaka ezingaphansi kukamasipala.

> ***Uma sibheka inqubekelaphambili noshintsho, omunye womasipala wendawo lapha eSifundeni obuwaziwa ngoBuhlebezwe, usuguqule igama waqanjwa ngeJohannes Phumani Phungula (JPP) Local Municipality. Lolu shintsho luyisiqala sohambo olusha lokulungisa umlando nokunothiswa kobuthina bantu bakuleli.***

Umbiko wenziwa ngokwemiyalelo kaMcwaningi-Mabhuku Jikelele ukuze kwazeke ukuthi kwesikwenzayo akukho lutho olufihliwe. UMasipala weSifunda iHarry Gwala uzinikele ekuphuculeni isimo sempilo yabantu abahlala kulesi sifunda. Lokhu kubonakala ngesibalo samaphrojekthi amanzi akhiwa endaweni.

UMasipala uphinde wabambisana nezinye izinhlaka njenge-KZN Society for the Blind, kanye nabophiko lwezinhlelo eziyisipesheli ngezinkundla ezahlukene lapho abantu behlolwa amehlo. Lolu hlelo selwenze umehluko omkhulu emphakathini njengoba kuhlomule izikole ezingu-20 nezakhamuzi ezingu-20 endaweni yaseMzimkhulu.

Uma sibheka inqubekela phambili noshintsho, omunye womasipala wendawo lapha eSifundeni obuwaziwa ngoBuhlebezwe, usuguqule igama waqanjwa ngeJohannes Phumani Phungula (JPP) Local Municipality. Lolu shintsho luyisiqala sohambo olusha lokulungisa umlando nokunothiswa kobuthina bantu bakuleli.

Sizolokhu sihlabele phambili ekuzinikeleni emsebenzini esiwuthunyiwe wokuletha izidingo ezifana namanzi nenhlanzeko, sikhuthaze ukuthuthuka komnotho, siphinde sibhekelele ukwenza ngcono impilo yabantu. Yingakho kuyintokozo kimi ukwamukela uNks Thobeka Mahlaba othatha isihlalo sakwa-Social Services njenge-Executive Director. Ufika nekhono namava azoba wusizo ethimbeni lethu. Ukungena kwakhe kulo msebenzi kuzoqhubezela phambili intuthuko yomphakathi kuso sonke iSifunda sakithi.

Ngifisa ukuzwakalisa ukubonga eMkhandlwini, izikhulu nabo bonke esibambisene nabo ngokusebenza ngokuzikhandla ukulwela inqubekelaphambili eSifundeni. Ngokubambisana, sizoqhubeka nombono wokusebenzela ikusasa eliqhakazile nelinothile eHarry Gwala District Municipality.

Ngiyabonga
**Mr. G. M. Sineke**
**Municipal Manager**

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISIKHULU ESIPHEZULU SEZEZIMALI



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
IZINSIZAKALO ZENGQALASIZINDA



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
EZABASEBENZI



**MR. LINDUMUSA GWALA**
IZINSIZAKALO ZAMANZI



**NKS THOBEKA MAHLABA**
INHLOKO: IZINKONZO ZEMIHLALA



# IZINHLELO ZOKULAWULA IZINSIZA ZAMANZI

### UKONGIWA KWAMANZI

Amanzi adinga ukuphathiswa okwezikhali zamaNtungwa ngoba ayimvelo ebucayi uma exhashazwa noma enukubezwa. Lokhu kumqoka kakhulu eNingizimu Afrika njengoba iyizwe elichazwa abe-United Nations njengendawo enendlala yamanzi okulindeleke ukuthi amanzi anciphe ngokuhamba kwesikhathi.

Ukongeka kwamanzi kubalulekile uma izwe lizokwazi ukuqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi ahlanzekile okuphuza, inhlanzeko, nokweseka ezolimo. Umkhuba wokukhathalela amanzi usikhuthaza ukugwema ukunukubezeka nokungcola kwemifula, kuphinde kunciphise ingozi yesomiso nokusha kwemifula.

Ngokwehlisa ukuxhashazwa kwamanzi, izwe lingakwazi ukonga lawo amancane akhona ngezikhathi lapho izulu lingani ukuze angahlushekelwa kakhulu ekubhekaneni nezidingo zawo.

Uma ukukhathalele ukuphila endaweni enake ukuvikeleka kwemvelo, kumele ufunde izindlela zokonga amanzi nsuku zonke. Lokhu kuzodinga ukushintshela ekwenzeni okwehlukile ezintweni ezithinta amanzi. Maningi amasu okonga amanzi ekhaya kwakho, alula futhi ukuwejwayela.

Amanye amasu okonga amanzi yilawa:

- Zama izindlela zokukhongozela amanzi emvula
- Vala ukuvuza kompompi namapayipi
- Sebenzisa imishini yasendlini eyonga amanzi
- Isakhiwo seyadi lakho akube esikwazi ukulawula kahle amanzi
- Izithombo engadini yakho azibe uhlobo olugcina amanzi isikhathi

Lezi zindlela zingasebenziseka ekhaya nasezindawo ezinjengamasimu amakhulu kwezolimo nezakhiwo zokusebenza lapho kusetshenziswa khona amanzi.

### UKUKHONGOZELA AMANZI EMVULA:

Ukukhongozela amanzi ngamathangi nemigqomo yindlela enobuhlakani yokonga, cishe iningi lawo abezomosheka emihosheni engagcineki wonke ngokwemvelo. La manzi ungawaqoqa esuka ophahleni lwendlu noma eziye izinhlobo zamabhilidi. Lokhu kusho ukuthi nezinto zokuwagcina kumele zihlale zihlanzekile ukuze kungakheli ukungcola okungaheha izinambuzane ezinukubeza amanzi.

Le ndlela yokuqoqa amanzi yelekelela kakhulu ekunciphiseni ukwethembela emanzini aphakelwa yizikhungo zawo.

### VALA UKUVUZA NOKUCONSA KWAMAPAYIPI:

Impompi iyodwa akuyona yodwa elawula amanzi, ama-valve axhumana ompompi namapayipi kubalulekile ukuthi ehlale esesimweni. Lezi zithiyamanzi zivame ukunganakwa ikakhulu emanzini asetshenziselwa inhlanzeko emathoyilethi. Uma zivuza zingamosha amaningi amanzi ngemuva kwesikhathi. Zidinga ukusukunyelwa ngokushesha ngokuthi ziqiniswe noma kufakwe ezintsha uma sezidlekile. Lokhu kungonga amaningi amanzi lawa. Akugcini lapho, ukuvala amanzi avuzayo kuvikela ukuthi isakhiwo singalimali unganakile, konga nemali.

### SEBENZISA IMISHINI YASENDLINI EYONGA AMANZI:

Ukusebenzisa imishini yokuwasha izingubo nezitsha, amathoyilethi, amashawa okonga amanzi kuyasiza ekugwemeni ukuxhaphazeka kwawo. UMasipala weSifunda iHarry Gwala ukhuthaza abantu ukuba ukuthi izakhamizi zishintshele ezintweni ezibhaliwe ukuthi zakhelwe ukonga amanzi. Amathoyilethi abizwa ngama-dual flush ayalekelela kanye nemishini yokuwasha ekubalulayo ukuthi kwakhelwe kuyo ukusebenzisa amanzi ngokonga.

### ISAKHIWO SEYADI ESIVIKELA UKULAHLEKA KWAMANZI:

Ekwakheni igceke lakho kumqoka ukuba ube nezindlela zokuthi lihlelele ukongeka kwamanzi, nezihlahla noma izimbali ozitshalayo kungabi ezimunca kakhulu. Khetha izimbali ezikwazi ukumelana nesimo sesomiso, uzitshale ziba yizixha ngezixha ukuze uma zinchelelwa zidonse ngandawonye nalapho inhlabathi izokwazi ukugcina umswakama. Nezindlela zokuchela kungakuhle kube ngezinconywa ngokonga.


Nezihlahla ezisegcekeni lakho akungabi ezidinga ukuniselwa njalo.

### INGADI EYONGA AMANZI:

Izindlela zokonga amanzi engadini akuzona ezezindawo ezomile kuphela, nalapho ekhona amanzi kuhle ukucabangela imvelo. Uhlobo lwezithombo ozitshalayo engadini kuyasiza ukuba kuhambisane nesikhathi sonyaka. Lokhu kwehlisa kakhulu isidingo sokuthi lezo zithombo zinciike ekuchelelweni kuphela. Noma ngabe izimbali noma izithombe zokudla. Amasu okonga amanzi ehlisa ukudleka kwamanzi azobbuye adingeke esikhathini esizayo. Ingadi yakho ayidingi ukubhunyelwa ngamanzi njalo ukuze yinhle, kumele uyihlelele. Izakhamuzi zaseHarry Gwala zikhuthazwa ukuba zinisele izingadi zabo uma sekusithele ilanga noma lingakaphumi ukuze amanzi angahwamuki kalula. Sebenzisa uhlobo lokuchela olubizwa nge-drip ukuze kugwemeke ukugeleza kwamanzi.

***QAPHELA:*** **Ukonga amanzi kuyindlela elula yokubekela ikusasa lemvelo ngoba kunezikhathi lapho izimvula zincipha khona bese kudingeka amanzi agciniwe. Ngakolunye uhlangothi, uma sisebenzisa izindlela zobuchwepheshe zokonga amanzi singenza omkhulu umehluko ekongiweni kwale mvelo. Lokhu kusho ukuthi ukuvikela amanzi akukhona ukuwonga nje kuphela, kusho ukuvikela umhlaba nempilo yethu, sakhe nengomuso eliqhakazile.**

## I-CALL CENTRE KAMASIPALA



I-Call Centre iyisikhungo sokuxhumana, ukubuza nokufaka izikhalazo ezimayelana namanzi, inhlanzeko, izikweletu, ukunqamuka kwamanzi, ukuqhuma kwamapayipi, ukuqhuma kwezitamkoko nama-metre angasebenzi kahle. Inhloso enkulu yalesi sikhungo ukwamukela nokuqopha yonke imibuzo yamakhasimende mayelana nezidingo zabo abazithola kumasipala, futhi baqinisekise ukuthi amaphesenti angu-70 yemibuzo iphenduleke zisuka amadaka zaxazululwa.

Ngokwendalo i-Call Centre ihlelelwe ukusiza abantu abafisa ukuxhumana noMasipala ngocingo, futhi kwenzelwe izakhamizi ezifisa ukubonana mazinyo nomuntu osizayo ukuze kuxazululeke lokho akudingayo. Kukhona nekhasi likaMasipala kuFacebook lapho amakhasimende ajwayele ezokuxhumana ezinkundleni zesimanje ekhululekile ukuthi amxhume khona uMasipala.

**Kubikwa kanjani?**

- Uhlobo lwezikhalazo
- Igama lakhe nesibongo
- Inombolo yakho
- Ikheli lomgwaqo okuwo, usho nendawo
- Uma kunesidingo, ungafaka nesithombe sakho

Njengoba usuke wenza ekubikeni ngefoni, nakuWhatsApp isikhalazo noma umbuzo wakhi ungena ohlwini lwezikhalazo lapho uthola khona i-nombolo eyi-reference nge-SMS. Yiyo le nombolo esetshenziswayo uma usulandela ukusukunyelwa kwesikhalo osifakile uma isixazululo singafiki.

Inombolo ka-WhatsApp ithi: **060 570 6193**, noma ushayele i-Call Centre ku-**086 010 6351**, okanye uthumele i-email lapha: **customercare@harrygwaladm.gov.za**.



# UMKHANDLU KAMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA WAMUKELA ISABELO ZIMALI SIKA-2025/26

**Ukwethulwa kwesabelomali okwenziwe yiMeya kutuswe uRichard Mkhungo ngokuletha ubumbano eMkhandlwini.**

SAMUKELWE ngo-elethu isabelomali sika-2025/2026 soMkhandlu kaMasipala weSifunda iHarry Gwala esethulwe emhlanganweni ovulelekile eMfundweni, ngaphansi kukamasipala wendawo uMzimkhulu.

Ukubanjelwa kwalo mhlangano kule ndawo kungukugcina umgomo woMkhandlu wokuhambisa ukuhlala kwawo kubantu ezindaweni ezahlukene. Ukwethulwa ngempumelelo kwesabelomali kwenziwe iMeya kaMasipala, uKhansela ZD Nxumalo. Le mpumelelo ayijabulisanga abantu nezinhlaka okubanjiswene nazo kuphela, kuphinde kwashayelwa ihlombe nayiPhini likaNgqongqoshe wezokuVikela uRichard Mkhungo oncome ukubumbana kwamakhansela ekuphasiseni isabelomali, kungakhathalekile ukuthi aphuma kuliphi iqembu lezombusazwe.

Uchaze lesi senzo njengombono wokubambisana nokuzinikela okuphelele ekuphuculweni kwempilo yezakhamuzi nasekuthuthukiseni abantu. UNgqongqoshe uzwakalise ukuncoma ngokuba khona kwamakhosi, izimenenja zomasipala, izicukuthwane nezinhlaka ezimele umphakathi kulo mhlangano wathi kusobala ukuthi uMasipala ukukhuthalele ukusondeza umphakathi ezinhlelweni zawo.

Ethula isabelomali, uMeya uNxumalo ukuvezile ukuthi isethulo siwumsebenzi wokubambisana, akuwona umsebenzi owenziwe iziphathimandla zodwa.

"Kuyintokozo ukuba nginikwe ilungelo lokwethula isabelomali sika-2025/2026, okuwuhlelo olukhandwe

















> ***Uma engekho amanzi ahlanzekile, omama nobaba bethu, nentsha ngeke bakwazi ukuphila impilo enesithunzi. Njengohlaka olubhekele ukulethwa kwamanzi kungumgomo kithi ukuba umuzi nomuzi, zonke izikole namabhizinisi wonke bathola amanzi ahlanzekile.***

ngokubambisana nokubonisana nokuzinikela ekusebenzeleni abantu. Lesi sabelomali siluphawu lokugcinwa kwesethembiso sentuthuko kubantu nokulandelwa kwemigomo efanele nekhona ezinhlelweni zentuthuko edidiyelwe," kusho uZwide.

Eqhubeka, uNxumalo uthe ibhajethi ka-2025/2026 ifika ngesikhathi esinezinselelo eSifundeni iHarry Gwala lapho kufanele kuphuculwe indlela yokulethwa kwezidingo kubantu ekubeni uhulumeni ekhuthazwa ukuba kuboshwe isifociya ekusetshenzisweni kwezimali. Phezu kwakho konke lokhu, kuqhuba iMeya, iSifunda kumele sihlele isabelomali esikwaziyo ukubhekana









nezinselelo ezibhekene nabantu bendawo ukuze okwenziwayo kuwudale umehluko ezimpilweni zabantu.

Lesi sabelomali seSifunda silandela iNkulumo ebhekiswe esizweni kaMengameli, eyesifundazwe eyenziwe uNdunankulu kanye nebhajethi kazwelonke eyenziwe uNgqongqoshe wezeZimali uMnuz Enoch Godongwana, okuyibo abanekela izwe ngengxubevange yezinselelo zezwe. "Kukulezi zinkulumo lapho kuhlaluke khona ukuba sesimweni esibucayi somnotho wezwe nokungaphazamisa uhlelo lukahulumeni wokuphucula izimpilo zemiphakathi yakuleli. Izwe libhekene nezingqinamba zokungalingani kubantu, ukugqoza kwemisebenzi okuhambisanaa nobubha," kuqhuba uNxumalo, engeza ngokuthi nokukhula komnotho akulindelekile ukuba kube ngcono.

"Ukulethwa kwamanzi nenhlanzeko yiwona mthwalo osezandleni zethu njengoMasipala weSifunda. Indawo yethu inabantu abangu-510 865, abagxenye yabo ingu-53% wabesifazane (271 284). Le bhajethi yethu ka-R296 million kumele ikwazi ukwenza umehluko kubantu bakithi. Uma engekho amanzi ahlanzekile, omama nobaba bethu, nentsha ngeke bakwazi ukuphila impilo enesithunzi. Njengohlaka olubhekele ukulethwa kwamanzi kungumgomo kithi ukuba umuzi nomuzi, zonke izikole namabhizinisi wonke bathola amanzi ahlanzekile. Sihlinzeke ezinkulu izimali ukweseka izinhlelo zokudonswa kwamanzi phansi kumawadi angenawo kahle amanzi, saphinde sahlinzeka ukufakwa kabusha kwamapayipi abesegugile nokupha lapho kuvuza khona," kwenaba uNxumalo.

Wengeze ngokuthi kulo nyaka ka-2025/26 wezimali uMasipala ubeke eceleni u-R239 million ovela esikhwameni sesibonelelo sokulungiswa kwengqalasizinda (MIG). "Kulesi sibonelelo sizokhipha u-15% (R37.6 million) ukulungisa ingqalasizinda esindala. Kuno-R41.4 million wokubhekela izikhungo ezikhona zamanzi nezenhlanzeko eSifundeni sonke."



UMasipala weSifunda iHarry Gwala kulindeleke ukuthi uphothule amaphrojekthi eminyaka kulonyaka-mali. Sesisonke isabelomali sika-2025/2026 sifinyelele ku-R992.8 million. Imali engenayo isiyonke isinyuke ngo-4% noma u-R35.9 million kulo nyaka-mali uma iqhathaniswa nesikhathi esedlule. Kulindeleke ukuthi imali engenayo ngonyaka wezimali ka-2026/2027 ibe ku-7% bese kuthi ngo-2027/2028 yenyuke ngo-5%. Kusho ukuthi kule minyaka emithathu ezayo imali ehlelelwe ukungena izofinyelela ku-R121. 9 million, ngokwesethulo sikaMeya uNxumalo.
















**Kwabawusuku lwenjabulo ngesikhathi intsha yaseHarry Gwala ithola ukwesekwa kumabhizinisi emcimbini owawuseSoweto Hall, eXobho.**

# INJABULO INTSHA ENGASEBENZI ITHOLA UKWESEKWA UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA

KUQOPHEKE umlando uMasipala weSifunda iHarry Gwala uhlanganisa intsha yakule ndawo mhla ka-26 Juni 2025, kuzokhunjulwa iqhaza lentsha eSoweto Hall, eXobho. Lo mcimbi ububanjwe ngaphansi kwesihloko esithi Youth Commemoration Programme.

Phakathi kwezihambeli ezazikhona kubalwa uSomlomo weSishayamthetho KwaZulu-Natal, uNkz Nontembeko Boyce. Uhlelo lwaqala ngenguyazana eyaba emahhovisi kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, lapho uBoyce wamukelwa iMeya, uKhansela Zamo Nxumalo, kanye nezimeya zomasipala bendawo nezikhulu zikaMasipala.

Okwabanhlosongqangi ngohlelo kwabawukufukula amabhizinisi aphethwe yintsha ngokwesekwa okwahlukene, ikakhulu intsha eneziqu kodwa ingakatholi ukuqasheka. Kwaphinde kwagxiliswa izinkulumo ezintweni ezithinta abasha nenkululeko esikhathini samanje.

UMasipala weSifunda, ubambisene nohlaka lwawo lwezokuthuthukisa umnotho iHarry Gwala Development Agency (HGDA), abeNational Youth Development Agency (NYDA), i-Independent Electoral Commission (IEC), nezinye izinhlaka - babe nesandla ekuphumeleleni kwalo mcimbi.

Intsha yendawo yathola ukwesekwa ngokuningi ukuze isimamise amabhizinisi abo asafufusa, nezinkampani zabo zabuye zahlomula ngezitifiketi kulandela ukuqeqeshwa abakutholile obekukhona kukho nokulungiswa kwamaselula.

Uhlelo losuku lwabandakanya ukwabelana ngolwazi kubantu abasha, bexhunyaniswa nezimakethe, kuvulwe namathuba okukhula. Kwaphinde kwadingidwa ngezindlela ezintsha zokusiza abasaphemba ukuba baziwe, bathole namathuba kwezomnotho.

USomlomo weSishayamthetho KwaZulu-Natal wakhuthaza kakhulu abasha ukuthi basukumele phezulu ngoba ikusasa lisezandleni zabo. Wagcizelela ukuthi amathuba avulwa uhulumeni kumele asetshenziswe ngokugcwele.

Bangu-12 abasha abahlomula ohlelweni lwamakhono ezobuchwepheshe, ikakhulu abasebenza ngamaselula, ukulungiswa kwama-tablets nokuhlobene nakho. Lentsha yemukeliswa amathuluzi okusebenza ukuze iqale umsebenzi.

# AMANZI APHEPHILE EMPHAKATHINI WASEBUTATENI

















**Abantu baseButateni bavuselelekile ngokwethulwa kohlelo lwe-borehole endaweni.**

IZOSHINTSHA impilo kubantu baseButateni, kuWard, kuMasipala weNdawo iJohannes Phumani Phungula eSifundeni iHarry Gwala, kulandela ukwethulwa kohlelo lwe-borehole mhla ka-4 Juni 2025.

NgoFebhuwari 14, 2025, ibhodi labaqondisi loMsinsi Holdings, Inkosi Mkhize yaseMbo, izinduna nobuholi bukaMasipala weSifunda iHarry Gwala basidlulisela ngokusemthethweni i-borehole kule ndawo. Lo msebenzi wawungumphumela wokubambisana phakathi kukahulumeni ezingeni likamasipala, ubuholi bomdabu nabemikhakha ezimele.

Ekugcineni kwale phrojekthi, uNkk Mbali Ndlovu oyiManaging Director yoMsinsi Holdings, wedlulisela emphakathini le borehole, wabaqinisekisa ukuthi isilungele ukusebenza njengoba le nkampani isizobiyela ukuze kuvikeleke ukudonswa kwamanzi azoba wusizo kubantu. Lokhu kubiya kwakhokhelwa futhi kwenziwa abasebenzi boMsinsi, akukho sonkontileka owaba ingxenye.

Akungabazeki ukuthi lesi siphethu esisha samanzi sizoba wusizo kubantu baseButateni njengoba uMasipala weSifunda iHarry Gwala ulokhu uqhubekile nokuthuthukisa izinhlelo zokusondeza amanzi aphephile kubantu.

Emcimbini wokwethulwa kwalo msebenzi kwabakhona uKhansela Sibongiseni Mdunge onguSomlomo eHarry Gwala District Municipality, ehambisana noKhansela Simphiwe Bekwa oyilungu lesigungu esiphezulu eMkhandlwini. Inkosi yaseMbo nayo yabakhona noKhansela ZL Miya oyiPhini leMeya kuMasipala i-JJP.

UKhansela Mdunge wanxusa umphakathi ukuba uvikele lesi sakhiwo, singacekeleki phansi. "Le ngqalasizinda ngeyenu mphakathi walapha, ngakho yinina okumele niqinisekisa ukuthi asicekelwa phansi. Asilindele ukuba lolu cingo okubiywe ngalo luphazamiseke, kusemahlombe enu ukuba kungabi namonakalo kulo msebenzi ongaka osewenziwe lapha," kusho uSomlomo uMdunge.







# UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA NESITHANGAMI SEZOKUXHUMANA



**UMnuz N.S. Tenza (kwesokunxele) esekwa iPhini leMeya uKhansela Nosisa Jojozi ngesikhathi kuxoxwa ngezithinta ezokuxhumana kuwo woke amazinga kahulumeni.**

> ***Thina esisuke sisezingeni lobuholi bepolitiki, nasemahhovisi ahlukene omkhandlu, sethembele kini kakhulu ukudlulisela imilayezo emqoka kwezokuxhumana.***

ISITHANGAMA esenzeka njalo ngemuva kwezinyanga ezintathu ngaphansi kwe-Harry Gwala District Municipality Communicators Forum senzeke mhla ka-24 Juni 2025, lapho bekudibene khona abezokuxhumana nabathintekayo kulo mkhakha bezobonisana ngezindlela zokudlisela ulwazi ngokusebenza kukahulumeni kubantu.

Lo mhlangano wahanjelwa yiPhini leMeya, uKhansela Nosisa Jojozi, wabonga amalungu alesi sithangami ngokummema wagcizelela ukubaluleka kwezokuxhumana emsebenzini wabo.

"Thina esisuke sisezingeni lobuholi bepolitiki, nasemahhovisi ahlukene omkhandlu, sethembele kini kakhulu ukudlulisela imilayezo emqoka kwezokuxhumana," kuphawula uKhansela Jojozi.

Wakhuthaza abezokuxhumana ukuba bahlale bekuqaphile ukuthi njalo badlulisela ulwazi nemininingwane eyiyo kubantu, ikakhulu lapho kusuke kucashunwa khona okushiwo abaholi bezepolitiki. Uphinde wathinta indaba yokubaluleka kokubonakala kwefulegi laseNingizimu Afrika, ethi okumqoka ngezwe lethu ukuba isithombe salo sithandeke kubantu abayizakhamuzi.

Ukuzinikela kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala ekubanjweni kwale nkundla kukhombisa ukuzimisela kwawo ngezokuxhumana nomphakathi ngaso sonke isikhathi.






# I-HARRY GWALA EMKHANKASWENI WOKUVALA IGEBE LEMISHANGUZO

**Ubuholi beSifunda iHarry Gwala buzimisele ngokuvala igebe ngezinkolelo ezimayelana nokuhaqeka ngesifo sengculazi nesandulela sayo.**











IMEYA kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Z.D. Nxumalo, usezisukumele mathupha ekuholeni umkhankaso wokukhuthaza abantu abahaqwe yisandulela ngculazi bathathe imishanguzo yabo, futhi belandele imigomo ukuze kunciphe ukusabalala kwesigulo emizimbeni yabo.

UMkhatshwa ukhulume nezakhamuzi ezingaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala ngesikhathi kunomkhankaso eDonnybrook, ngaphansi kukaMasipala weNdawo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, eJunction Hall muva nje. Leli hholo beligcwele phama abebeba yingxenye yalo mkhankaso, izikhulu zikahulumeni nababambisene noMasipala, yize amakhaza abeshubisa umnkantsha.

Lolu hlelo luyingxenye yomkhankaso omkhulukazi kahulumeni wokugqugquzela bafinyelela kubantu abangaphezulu kwesigidi asebeyeke imithi yabo ukuba babuyele ohlelweni lwemishanguzo. Lolu hlelo olubizwa nge"CLOSING 1.1 MILLION HIV TREATMENT GAP" luqale ngemuva kokuba kutholakale ukuthi kunegebe elidalekayo labantu abangaphezulu kwesigidi abahaqwe yigciwane abangasayilandeli imiyalelo yemishanguzo ngokuphelele, abanye bayiyeka kuzwelonke. Lolu hlelo lukazwelonke olusingethwe nasezifundazweni kanye lwezifunda, lapho kugxilwa kakhulu ezindaweni ezaziwayo ukuthi zinabantu abaningi abahaqekile kodwa bangasayithathi imishanguzo.

ISifunda iHarry Gwala sahlonzwa njengesinye esihamba phambili KwaZulu-Natal ngale nkinga yemishanguzo. UZwide uthe kubalulekile ukuthi abantu bazihlole njalo ukuze bazi ngesimo sempilo yabo ukuze bazi ngezifo ezisegazini kusenethuba elihle ukuthi zilawuleke. Uthe lena yindlela engcono yokulwisana nezigulo kunokulinda umonakalo uze ube mkhulu.

"Kuyalekelela lokhu ukuthi umuntu akwazi ukusheshe athole usizo, ukufa kungaze kwakhele emzimbeni," kusho uKhansela Nxumalo.

Eluleka abebekhona, uyalele umphakathi ukuba uzisebenzise izikhungo zezempilo, kuthi uma bengalutholi usizo abaludingayo bebike ezinhlakeni ezifanele ngoba lezi zikhungo zakhelwe khona ukuthi zihlenge impilo yabantu. "Uyazi ukuba nolwazi ngesimo sakho sempilo akusizi wena kuphela, kuvikela nomndeni nalabo abaseduze nawe," kuchaza uKhansela Nxumalo.

Uthe inkolelo endala mayelana ne-HIV-Aids ayisanasisekelo ngoba ukuhaqwa yigciwane akusho ukuthi uzofa, uyahlengeka kuphela nje uma uthola imishanguzo kusekahle njengalo lonke uhlobo lwezifo.

# KWETHULWE UMASIPALA I-JOHANNES PHUMANI PHUNGULA LOCAL MUNICIPALITY LAUNCH

















**UMasipala obuwaziwa ngokuthi Ubuhlebezwe Municipality usuguqule igama waba i-Johannes Phumani Phungula Local Municipality.**

WETHULWE ngelikhulu isasasa uMasipala i-Johannes Phumani Phungula Local Municipality mhla ka-27 Meyi 2025. Phambilini lo masipala ububizwa ngoBuhlebezwe Municipality njengoba manje usuqanjwe ngegama leqhawe lomzabalazo elalidume ngelithi uPass 4 Phungula.

Lokhu kuguqulwa kwegama kuthathwe ngemuva kokubandakanywa komphakathi kwaze kwafinyelela ezingeni lokudingidwa ligunyazwe uMkhandlu namalungu omphakathi. UPhungula wayeyisishoshovu esidumile esaba yingxenye yokulwisana nombuso wobandlululo, samela inhlangano i-African National Congress (ANC) eSishayamthetho sikazwelonke kusukela ngo-2004 kuya ku-2009. Wayengumakadebona womkhankaso wokuketula ubandlululo selokhu ajoyina uKhongolose ngo-1952.

IMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, nguye obehola ubuholi beSifunda ekukhumbuleni umlando kaPhungula. Uthe uPass 4 wabe engumuntu ofundisekile futhi esigcina isikhathi. "Ngiyacela siqhubeke ngomoya waleli qhawe, sakhele emlandweni wakhe omuhle," kuphawula uZwide.

IMeya yalo masipala osuqanjwe kabusha, uKhansela Bathobile Ngubo, ukhulume ngokubaluleka kokuhlonipha imisebenzi kaPhungula njengoba kuguqukelwa egameni elisha.

Ukushintshela egameni elisha sekufakwe emiqulwini yoMnyango wezokuBambisana nokuPhatha kuHulumeni neziNdaba zoMdabu KwaZulu-Natal. Ukuguqula igama kulo masipala kudlule kuzo zonke izigaba zokuxhumana nomphakathi ukuze kutholakale iziphakamiso kubantu nasezinhlakeni ezithintekayo.

UPhungula wazakhela igama ngokuba yindoda eqondile, egcina isikhathi nokuzinikela ekulweni nobandlululo. Njengendlela yokubonga umnikelo wakhe emzabalazweni wokulwela ukulingana kwabantu, waklonyeliswa nge-Order of Luthuli in Gold ngoDisemba 2009 engasekho emhlabeni.

Imisebenzi yakhe ilokhu imile njengesikhumbuzo esikhuthaza ukuqhubeka nokwakha isizwe esiqotho nezinobulungiswa.

# JOHANNES PHUMANI PHUNGULA LOCAL MUNICIPALITY (ULM)




**IMININININGWANE**

UMasipala weNdawo i-Johannes Phumani Phungula Local Municipality ufukameleke kahle eningizimu yeKwaZulu-Natal, phakathi koMgungundlovu, iKokstad ne-Eastern Cape. Ngaphansi kwawo kunenhlokodolobha kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, eXobho - yona engamakhilomitha angu-85 eningizimu-mpumalanga yoMgungundlovu okuyinhlokodolobha yesifundazwe iKwaZulu-Natal.

Lo Masipala usezimpanweni zemigwaqo emikhulu kazwelonke uR56 noR612. IXobho yiyona ndawo eyisizinda somnotho nokuthuthuka kulo masipala wendawo. Empeleni iXobho lingabalwa kanye nezindawo ezimqoka ekuthuthukisweni komnotho weSifunda uma kukhulunywa ngezimboni, amabhizinisi amanye nezinye izinhlobo zomnotho. Leli dolobha liyisizinda esikhulu sezemfundo, siphinde selekelele ngokusabalalisa amasu amasha ezobuchwepheshe ezindaweni ezakhelene ezisemakhaya. Neminyango eminingi kahulumeni isebenzisa iXobho njengesizinda sokusabalalisa umsebenzi kahulumeni eHarry Gwala.

UMasipala weNdawo i-Johannes Phumani Phungula ungomunye wabane kulesi Sifunda. Kuwo kugqame kakhulu odedangendlale bamapulazi, amahlathi namathafa nomhlaba ongaphansi kwamakhosi ahlukene. Amahhovisi awo lo Masipala aseXobho. Yize indawo esenkabeni yeXobho ithuthukiswe ngendlela yesimodeni, izindawo eziningi eJohannes Phumani Phungula ziyizindawo ezisemakhaya.

UMasipala wawunabantu abangu-118 346 ngokwezibalo zango-2016 kani ezakamuva ngo-2022 lesi sibalo sabe sesenyukele ku-133 032. Iningi labantu lapha lisezindaweni ezingaphandle kweXobho.

Ngokomnotho ezolimo yizo ezihamba phambili, kube ezezimayini, amafemu emikhiqizo ethile, ezokwakha, amabhizinisi ahlukene nezokuvakasha. Kulezi zimboni ezolimo, amabhizinisi ahlukene nezokukhiqiza yizona ezifaka kakhulu emnothweni walo masipala.

I-Johannes Phumani Phungula Local Municipality isendaweni eyenza kube lula ukuxhumanisa ezokuvakasha nasoGwini oluseningizimu nezintaba zoKhahlamba eziseningizimu, okwenza ezokuvakasha kube ngenye yezinto ezimqoka ekuthuthukiseni umnotho wale ndawo.

BATHINI ABANTU

# UKUBHEKA NGENYANGA YABESIFAZANE

## (UKUXHUMANA NOMPHAKATHI)

***Umbuzo:** Njengoba sigubha inyanga yabesifazane, ngabe lokhu kusho ukuthini kuwe? Yiziphi izinselelo ezinkulu abesifazane ababhekene nazo, yini engenziwa ukuthuthukisa impilo yabantu besifazane?*

**UNKS UNOZI MVUSI WASEXOBHO**



"Le nyanga iyisikhumbuzo kithi ngamaqhawekazi - omama bethu - abalwela amalungelo ethu. Ngakho inyanga ka-Agasti iyisikhathi sokuhlonipha isibindi sala maqhawe nokukhuthaza ukulingana kobulili. Le nyanga iphinde ibe wuphawu lokukhululeka kwabesifazane, bakhuthazwe ukuba basukume bazimele ngemuva kweminyakanyaka yengcindezelo.

Njengomuntu wesifazane, ngasukuma ngaqala isikhwama egameni lami ngokuqala le-B&B nendawo yokudlela ukuze ngizithuthukise mina, ngakhele nomndeni wami into eyifa. Ezikhathini ezedlule abantu besifazane babevunyelwe ukwenza imisebenzi embalwa, beholelwe kancane. Kodwa izingqalabutho ezifana noLillian Ngoyi nabanye zakushintsha lokho, umzabalazo wabo waguqula impilo yethu. Namuhla abesifazane sebezimele, banamabhizinisi athi bona, baphinde besebenze emimnyangweni eyayingenabo abesifazane ngesikhathi esiphambilini. Yize inqubekela phambili isibonakala uma uqhathanisa nalesiya sikhathi somzabalazo ka-1956, kodwa kusezindawo lapho abesifazane besasilele emuva. Ukwenza isibonelo nje, lapha ekukhishweni kwamathenda kusekhona igebe elikhona. Ngikholelwa ekutheni uhulumeni kumele abeke eqhulwini ukwesekwa kwabesifazane abasebhizinisini ngoba siwumgogodla emphakathini.

Lokhu kwesekwa kungabandakanya ukuxhaswa ngamakhishi angohambanendlwana ukuze abenza lo msebenzi bathuthukiswe, ukubahlinzeka ngoxhaso mali nokuqinisekisa ukuthi abesifazane bangena ezikhundleni eziphezulu emsebenzini."





**UBHEKANI KHUBONI WASE-FAIRVIEW**

"Ukuvikeleka kwabesifazane kungumsebezi obalulekile embonini yezokuthutha njengoba kunamanqe ahlale elindele ukubahlukumeza. Ngasiza ingane yentombazane eneminyaka engu-15 eyayitholoza endaweni enobungozi. Ngazama ukuthola abazali bayo ngoba ngesabela ukuphepha kwayo. Ngikholelwa kakhulu ekutheni kumele sivikele abesifazane emiphakathini yakithi.

**UBONGEKILE CHILIZA WASOFAFA**

"Njengabantu besifazane abasebenza ngokudla, siphekela umphakathi, ukulungiselela abantu okudliwayo kusalokhu kuyinselelo ngoba asinazo izindawo zokusebenzela nezinsiza zomsebenzi. Sikhalela nje ukuthi uhulumeni usakhele imipheme engakwazi ukuselekelela kulo msebenzi wethu. Izinselelo esibhekana nazo kakhulu yikho ukuhlukunyezwa ngokobulili, basebaningi abesifazane abalimala ezandleni zabantu abathanda nabo. Sisebenzela ezimweni ezingaphephile okwanza sihlale siqalaza ukuthi akukho yini osesihlasela.





**UKHANYISILE DLAMINI WASEFAIRVIEW**

"Ukuphepha akukho ngisho sisemakhaya ethu nasemsebenzini. Usuku nosuku kuba nemibiko yokuhlukunyezwa nokubulawa kwabesifazane nezingane zamantombazane. Sinethemba lokuthi ikusasa lizoba ngcono ezinganeni zethu kodwa nje akusekho ukukhululeka ngezokuphepha ezweni lethu. Kubuye kube mawala njengoba iningi labantu lingasebenzi.









**Uphiko lokulawula izinhlekelele luqikelela ezokuphepha emphakathini waseHarry Gwala okhahlanyezwe yizimvula nesimo sezulu esibi.**

UMASIPALA weSifunda uqhubekile izexwayiso ngesimo sezulu kwabe-South African Weather Services (SAWS). Ngokunjalo nomasipala bezindawo nesibambisene nabo bahlale bethunyelwe lezi zexwayiso kanti nabezimo ezibhekelele izinhlekelele bahlale bemi ngomumo ukuze umphakathi uhlale uphephile olakeni lwezulu olungaba yingozi ludlule nezimpilo zabantu, kulimale nezakhiwo.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala ubhekane nomoya onamandla, iziwuhlu zezimvula nomlilo olimaze isakhiwo koMasipala bethu bobane bendawo, iNkosazana Dlamini-Zuma, Greater Kokstad, JPP noMzimkhulu.

Imvula nomlilo kwadala umonakalo emizini yabantu, kwathinteka kakhulu izindlu ezakhiwe ngodaka ngenxa yemvula. Ezinye zadilika zaphela nya, kwalimala impahla yasendlini. Kweminye imizi kwalimala ingqalasizinda yokuphakela ugesi, kwezinye izindawo kwavaleka imigwaqo kulandela ukukhithika kweqhwa.

Ezinyangeni u-Ephreli, Meyi noJuni ingu-1353 imizi eyaphazamiseka ngenxa yesimo sezulu ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala. Kule mizi, ingu-749 eyadilika yaphela nya, kwathi engu-1087 yalimala ezingxenyeni, kwasala imindeni engu-317 ingenandawo yokukhoselisa amakhanda. Kwafa abantu abathathu, baba babili abalimala ngaso lesi sikhathi.

Mhla ka-14 Ephreli abe-South African Weather Service (SAWS) bakhipha isexwayiso sika-Level 5 okwakuhlose ngaso ukuthi abantu baqaphele ubungozi bezulu mhla ka-15 Ephreli kuze kube mhla ka-16 Ephreli 2025. Abezimo zezinhlekelele esifundazweni, Provincial Disaster Management Centre (PDMC) bavivisa iProvincial Joint Operations Centre (JOC) kusukela ngo-8 ekuseni mhla ka-Ephreli 2025.

Imindeni eminingi yasala ingenakudla kulandela lesi simo esibi sezulu elaphephula uphahla lwemizi, abanye basala ngezimpahla ababezigqoke ezimbeni kuphela njengoba kwasha nefenisha nokokugqoka. Nezakhiwo zomphakathi zaphamiseka okukhona kuzo izikole, ezikagesi nemigwaqo.

Ingu-52 imizi eyathinteka, kwaphazamiseka izakhiwo ezingu-26 ezabhubha zaphela nya. Izakhiwo ezingu-34 zalimala kwathi imindeni engu-18 yasala dengwane, kwathinteka abantu abangu-246.

Ngesikhathi kudidiyelwa lo mbiko nangesikhathi kuhlolwa umonakalo, akukho muntu owashona noma owayelimele. UMasipala waba nezingozi zomgwaqo emizileni u-R56, R612 no-R617 ngaphansi kwe-Harry Gwala District Municipality's.

## UKULAWULWA KWEZINHLEKELELE OKUDIDIYELWE NOSATSHALALISWA KWEZICASHAMLILO NGEKOTA YESINE

Isikhungo soPhiko olubhekele izinhlekelele kuMasipala weSifunda lube nemikhankaso yokuqwashisa abantu ukuze abantu bafunde izindlela zokugwema ubungozi, baqonde nangezindlela zokuphepha ngokwesekwa omasipala bezindawo neminye iminyango.

Lezi zinhlelo zokufundisa zibhekiswe kakhulu emphakathini, ezikoleni nasemakhanseleni amawadi nabanye bemikhakha eyahlukene. ISifunda sisebenzisana nomasipala abancane  ngaphansi kwaso uqinise kakhulu ekwakheni ukuzimela emikhandlwini yobuholi bomdabu nabathintekayo.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala nomasipala abambisene endaweni bayaqhubeka nokuzibandakanya nezinhlelo zokuvimba nokuthena amandla ingozi engalethwa yinhlekelele yanoma luphi uhlobo. Amathimba ahlanganiswe yilabo masipala ahlale elungele noma siphi isimo esingase siphethe ngokuklahleka kwemiphefumulo nokulimala kwezakhiwo nempahla esifundeni.




# INJABULO KUBONGELWA UMDLALI WE-NETBALL OBEMELE IHARRY GWALA ENAMIBIA

**Umdlali we-netball uthole ukuncomnywa okukhulu eHarry Gwala.**

KUQHUME imikikizo, kwashaywa amakhwela ngesikhathi ubuholi nezikhulu kuMasipala weSifunda iHarry Gwala behalisela umdlali webhola lomnqakiswano omele lo Masipala emidlalweni ebiseNamibia.

USinegugu Gamede, odabuka eKokstad, waqokwa njengomdlali ovelele obemele iSifunda ezoya eNamibia, Le ntokazi esencane ingumfundi waseShayamoya High School. Ukwenza kwayo ezibukwayo kuholele ekutheni inikwe umphako wezibusiso uSomlomo woMkhandlu kuMasipala iHarry Gwala, uKhansela Sibongiseni Mdunge.

UKhansela Mdunge wancoma isibindi salo mdlali webhola lomnqakiswano (netball) ngokungaziboni ephansi ezingeni lapho kusuke kuqhudelwana nabamanye amazwe. "Asilindele ukuthi uye eNamibia ugcine khona kuphela, kumele udlulele phesheya kwezi lwandle ubeke uMasipala weSifunda iHarry Gwala ebalazweni. Leli yithuba elihle kakhulu okungekhona ukuthi livula iminyango kuphela kepha nathi lisenza sizigqaje ngokumeleka emazweni angaphandle," kusho uKhansela Mdunge.

Imidlalo eyayihanjelwe uGamede yenzeka phakathi kuka-5 no-11 Julayi kanti wayebambe iqhaza njengomdlali wasemuva. UMasipala weSifunda iHarry Gwala wameseka kwezinye zezindleko zokuhambela kwelinye izwe.






# UHLELO LOKUFUNDISA NGEZEMPILO ZOKUHLOLWA KWAMEHLO

**ISifunda i-Harry Gwala nabe-KZN Blind society behambele izikole ngeenhloso yokuphucula ezempilo yemehlo kubantu.**









UMASIPALA weSifunda, iHarry Gwala District Municipality, ubambisene nabeKwaZulu-Natal Society for the Blind, babe yingxenye yohlelo lokufundisa nokugqugquzelwa ukuhlolwa kwamehlo ezinganeni zesikole ngaphansi kukaMasipala weNdawo uMzimkhulu.

Lo mkhankaso wenzeke eMakhosini mhla ka-23 Meyi 2025 kanti ubuhlose ukwenza lokhu:

- Ukuhlolwa kwamehlo ukuthola ngezinkinga zokubona ezisangelapheka
- Ukufundisa abafundi ngokunakekelwa kwempilo yamehlo
- Ukubaqwashisa ngokuthi usizo bangaluthola kuphi uma benenkinga yokungaboni kahle

Abesikhungo iKwaZulu-Natal Society for the Blind banikele ngezibuko zamehlo zezingane zesikole ezingu-20, nezinye ezingu-20 emphakathini wendawo.

Lolu hlelo luqhakambise ukubaluleka kokusheshe uthole uma unenkinga yamehlo ukuze usizakale, okungalekelela ukuthi amehlo akhe abe sesemweni esihle



isikhathi eside. Izikole ezimbili ezihlomule kulolu hlelo iVumazonke Secondary ne-DRC Junior Secondary.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala ukhombise ukuzinikela ekusizeni intsha nomphakathi wonkana ngokukhuthaza umkhankaso wokunakekelwa kwamehlo.






# INGQUNGQUTHELA YEMVELO NEMFUCUZA: "IMFUCUZA IYIMALI"











**Abathintekayo bebambisene ekubhekaneni nezinselelo zokulawulwa kwemfucuza nokuqwashisa ngesimo esiyingozi emvelweni.**

UTHATHE elikhulu igxathu uMasipala weNdawo uMzimkhulu ekusimamiseni intuthuko ngokwethula ngokusemthethweni ingqungquthela ebizwa nge-2025 Environmental Waste Indaba ebibanjwe eSayidi TVET College, eMzimkhulu mhla ka-14 Meyi 2025.

Lesi sinyathelo esimqoka sokulawulwa kwemfucuza sesekwe nawuMasipala weSifunda iHarry Gwala noMnyango wesifundazwe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha neMvelo (EDTEA), noMnyango kazwelonke wezokuDoba neMvelo (DFFE). Le ngqungquthela ihlanganise izinhlaka ezithintekayo ukubheka izixazululo ezinselelweni zokulawula imfucuza eSifundeni.

Le ngqungquthela eyaziwa nge-Waste Indaba, iyinkundla yeSifunda nezimeya zomasipala bendawo kanye nezimenenja nabakule mboni ukuthi babelane ngamasu, babheke nezindlela ezithuthukile zokulawula imfucuza, baphinde babonisane lapho bengabambisana khona.

Ekhuluma kulo mbuthano, iMeya yeSifunda uKhansela Zamo Nxumalo, ithe kuyithokozise kakhulu ukuba yingxenye yale ngqungquthela okungeyokuqala eSifundeni. UZwide uphawule ngokuthi ukulawula imfucuza akukhona ukuthi kungumthwalo, kodwa kuyinyathuko ebheke ekuvikeleni imiphakathi ngokuvusa amathuba omsebenzi, ivukuze osozimboni noqeda ububha.

IMeya iphakamise ukuthi uMasipala uqale uhlelo oluzobizwa nge"Food for Waste", lapho abantu basezindaweni ezisemakhaya eHarry Gwala bezonikwa amathuba okuqoqa imfucuza bayibuyisele ezindaweni zokuqoqa kuMasipala waseMzimkhulu lapho bezokhokhelwa ngama-voucher okudla.

Le ngqungquthela iphinde yelekelele ekwehliseni ulaka lwesimo sezulu, ikwazi nokuqwashisa ngobungozi bokungalawuli ukungcoliseka kwemvelo ezindaweni esiphila kuzo. I-Waste Indaba iphinde yagqamisa ukuzimisela kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala ekuhlangabezaneni nemigomo yokugcina imvelo ihlanzekile.

Ngokuhamba kosuku lwengqungquthela, umhlangano waba nokuvumelana ngokuthi izincomo zalo mhlangano azibeke uMzimkhulu ekhaleni lomkhankaso wokulawulwa kwemfucuza eSifundeni.

**#ZeroWasteToLandfills**
**#NMZWasteIndaba**
**#WasteIsMoney**

# UMHLANGANO WOMKHANDLU OYISIPESHELI WOKUHLONIPHA UMHOLI WENDABUKO, INKOSI UTHANDUXOLO BALENI





**Inkosi Baleni ngesikhathi somhlangano oyisipesheli womkhandlu obe yimpumelelo, okuzoqinisekisa ukubambisana kobuholi komasipala nobuholi bomdabu.**

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala ubambe umhlangano oyisipesheli wokuqala ukwamukela nokuhlonipha ngokusemthethweni Inkosi Thanduxolo Baleni njengomholi womdabu emkhandlwini weSifunda.

Lo mhlangano bewenziwe ngaphansi komthetho u-Section 81 weMunicipal Structures Act, kanti ube yisinyathelo esinqala ekuqiniseni amaxahama okusebenza phakathi kobuholi bomdabu nohulumeni wendawo eSifundeni. Umcimbi ubeke ngokusobala ubumqoka beqhaza labaholi bomdabu ekuhlanganiseni abantu, ukuvikela amafa esizwe nokweseka ukuthuthukiswa komphakathi.

Inkosi Baleni ifungiswe iMenenja kaMasipala, uMnu uGamakulu Sineke, ochaze obekwenzeka njengegqayizivele kumasipala.

"Sizizwa sihloniphekile kakhulu ukuba nomholi onjengawe ezoba yingxenye yoMkhandlu eHarry Gwala," kusho uMnu uSineke emcimbini wakamuva.

IPhini leMeya, uKhansela Nosisa Jojozi, wamukele ngentokomalo Inkosi Baleni, eqhakambisa ubumqoka bobuholi bomdabu ekuphathweni kwezwe nentuthuko ezindaweni zasemakhaya.

"Kuyintokozo ukuba sisebenze eduze kweNkosi Baleni emkhankasweni wethu wokwakha iSifunda esibumbene, nesibambisene futhi esinempumelelo. Abaholi bomdabu bayinqolobane yamasiko ethu futhi sibambisene nabo kakhulu ekuthuthukiseni umphakathi. Ngaleyo ndlela lesi sikhathi esikuso singesithokozisa kakhulu eMkhandlwini wethu," kusho iPhini leMeya uJojozi.

Iphawula kulo mcimbi, Inkosi Baleni izwakalise ukubonga ngokubalulwa, yathembisa ukuzinikela ekubambisaneni nabo bonke abasebenzela umphakathi ukuze kuthuthukiswe abantu baseHarry Gwala. Lo mhlangano wokuqala uyisinyathelo esikhulu ekusondezeni ubuholi bomdabu nokuphathwa komasipala, okuyisimo esiqinisekisa ukuthi wonke amazwi omphakathi ayezwakala ezinhlakeni zobuholi.











# UMLANDO NGOMQONDISI OMKHULU OMUSHA

## UMQONDISI OMKHULU: EZOMPHAKATHI NEZINHLELO ZENTUTHUKO | UMHOLI WEZINHLELO ZEMIKHAKHA YOMPHAKATHI | UNGOTI KWEZEMPILO KUMASIPALA, EZOKULAWULWA KWEZINHLEKELELE NOKUPHATHA

UNKSZ Thobeka Thabile Mahlaba usekhombise ikhono elisezingeni elicokeme emsebenzini wakhe emkakheni wohulumeni bezindawo njengoba esethathe izintambo zokuba uMqondisi oMkhulu ophikweni lwakwa-Social Services and Development Planning kuMasipala weSifunda iHarry Gwala.

Le ntokazi isinamava eminyaka engu-17 ikule ndima, okubalwa kuyo eyishumi esezingeni lokuphatha. Uzobe ehola iminyango eminingi okukhona kuyo owezempilo, owokulawulwa kwezinhlekelele, izinhlelo eziyisipesheli, nokuhlelwa kwezentuthuko kuMasipala.

Nakwezemfundo uNksz Mahlaba uhlome uphelele njengoba eneziqu ze-BTech kweze-Environmental Health nesitifiketi se-NQF Level 6 se-National Diploma kweze-Total Quality Management. Waphinda wahlomula ngeziqu ze-Honours (Cum Laude), wathola nethuba lomfundaze wokwenza iziqu ze-Masters kweze-Public Administration eNyuvesi yaKwaZulu-Natal (UKZN), azithola ngenkulu impumelelo. Ube neqhaza elikhulu ekuphuculweni komthetho wokusebenza komasipala, uhlelo oludidiyelwe lomasipala, nesakhiwo sohlaka lokwenza ngcono ukulethwa kwezidingo kubantu eSifundeni.

Ukungena kukaNksz Mahlaba kulo msebenzi weSifunda kwengeza isipiliyoni esinzulu ebuholini, nakwezokukubhekelelwa kokusebenza kwezimali, ezokubusa nokusebenzisana kwemikhakha ehlukene. Useke waba usihlalo wezithangami ezahlukene lapho kuhlangana khona uhulumeni emazingeni ahlukene, namakomidi elulekayo. Usechonywe uphaphe lwegwalagwala ezingeni lesifundazwe nelikazwelonke ngenxa yamagalelo akhe ekuphathweni komsebenzi nokulethwa kwezidingo emphakathini. Kulokhu kuhlonishwa, kubalwa ne-OR Tambo Environmental Health Excellence Award.

UNksz Mahlaba uyaziwa ngobuqotho emsebenzini nokukwazi ukuxazulula izingqinamba ngenxa yokujula kolwazi lwakhe ngenqubo ekulandelweni kwemigomo. Usaqhubeka nokuba nesandla ekuphuculeni ezempilo emphakathini, ukuhlelwa kwengqalasizinda nokuthuthukiswa kwentuthuko yezomnotho womphakathi, lapho esuke eqinisekisa ukuhambisana kwezinhlelo ze-IDP ne-SDBIP.

Uzalelwe endaweni yakwaPhungashe, eLuphepheni, khona eSifundeni iHarry Gwala. Ungumuntu obambelele kakhulu ezimfundisweni zomndeni kanti nasemsebenzini uyazimisela, okuyinto ebonakala ekukhuthaleni kwakhe nokukhiqiza umsebenzi osezingeni eliphezulu. Ngale komsebenzi, uNksz Mahlaba ungumuntu othanda ukufunda izincwadi, ikakhulu uma eziphumulele. Ubuye alandele kakhulu izindaba ezithinta amazwe ngamazwe ukuze ahlale azi ukuthi kwenzekani emhlabeni okungathinta iNingizimu Afrika. Lokhu kumsiza ukuba ahlale enokuqonda ngezinselelo zokuthuthukiswa kwezwe.

Uyazifela ngempilo yemvelo, ukuthuthukiswa kwentsha nokufukulwa kwabesifazane kanye nokufaka usiko lokusebenza ngobuqotho nokubakanyeka kwawo wonke umuntu ekuphatheni.





# IZWI LAKHO LIMQOKA NAMAPHUPHO AKHO KUFANELE UWAFEZE - UKHANSELA DAMOYI

UPATIENCE Nompumelelo Damoyi usebe yikhansela kuMasipala weSifunda iHarry Gwala kusukela ngo-2021.

Le ntokazi idabuka epulazini lase-Winterhoek elaziwa ngokuthi kuseThembeni - Thafeni. Wafunda eThembeni Primary School wadlulela eKheswas Junior Secondary, ngaphambi kokuqhubekela eRietvlei Senior Secondary.

U-matric wawuphothula eLourdes High School ngaphambi kokubhalisa esikhungweni Umtata Technical College, lapho enza khona izifundo zokuba umbhalane.

Ngemuva kokusebenza emikhakheni eyahlukene, wangenwa uthando lwezepolitiki okwalandelwa ukuzibandakanya kwakhe nemihlangano eyayimunyunga izindaba zokuphathwa kwezwe. Leyo kwakuyiminyaka yama-80s. Ngemuva kwalokho wajoyina i-African National Congress aba yilungu layo ngokugcwele ngeminyaka yo-1990. Ngesikhathi i-ANC iqala yethula amagatsha waba yilungu lesigungu esiphezulu. Washesha wakhombisa ukukhuthala kwakhe ejoyinisa amalungu, abuye akhankasele ukuthi abantu bavotele i-ANC okhethweni lokuqala lwentando yabantu ngo-1994.

Esimweni sombangazwe wezwe elisathuthuka,

> ***Ngifisa ukunikhumbuza ukuthi amandla enu, ukubekezela nokuphikelela kuyisibani kwabaningi. Ungehlelwa ukuzethemba ngalokho okwaziyo. Izwi lakho limqoka, namaphupho akho afanele ukufezeka futhi lokho owehluke ngakho kwabanye yiwona mandla akho. Ningayeki ukuvula iminyango emisha, kusuke imigoqo evimbile endleleni, ube ukukhanya kwabanye. Ekugcineni amagalelo akho ayozwakala.***

uKhansela Damoyi wasondela kakhulu ezindabeni zezemidlalo ngesikhathi eba yilungu le-National Sport Council engomunye wabantu ababegqugquzela intsha ukuthi izihlanganise nezemidlalo. Waphinde waba ngumdidiyeli ngemuva kokubhalisa e-University of South Africa (UNISA) ukuze aqeqeshelwe ukusebenza kwezemfundo eyisisekelo, waze wasebenza eWashbank iminyaka emihlanu.

"Ngisebenze kakhulu egatsheni Amandla Wethu ngiyilungu lekomidi eliphezulu khona, ngaphinde ngaba oNobhalo wegatsha, ngaba yiPhini likaSihlalo, ngagcina sengiwuSihlalo. Ngasebenza kakhulu nama-school governing body ngaze ngasebenza njengonobhala we-SGB eDiepkloof Combined School. Ngaba uSihlalo we-SGB kuso lesi sikole," uchaza kanje ngokusebenza kwakhe ezinhlakeni zomphakathi.

"Ngakhethelwa ekubeni yilungu lekomidi leSifunda e-Alfred Ndzo, ngaqhubekela ekubeni umgcinimafa eSifundeni iHarry Gwala lapho ngagcina sengiba yikhansela ngaphansi kukamasipala weNdawo uMzimkhulu kusukela ku-2006 kuya ku-2011. Kungalesi sikhathi lapho engaba yiPhini leMeya eMzimkhulu ngaphansi kobuholi beMeya uDzanibe. Ngasebenza ophikweni lweCommunity and Social Services njengosihlalo we-portfolio committee, nasophikweni lwe-budget ne-finance committee,"" usho kanje.

Kumanje uKhansela uDamoyi uyikhansela kuMasipala eMzimkhulu esihlalweni sokumela lo masipala wendawo koweSifunda iHarry Gwala, ngokuhlala ekomidini lakwa-Corporate Services. Ngo-2017 waqokwa ukuba athathe isikhundla sokuba yinduna, okuyisikhundla asekuso namanje.

UKhansela uDamoyi ubeke amazwi okukhuthaza kubo bonke abesifazane ngenyanga yabo u-Agasti:

"Ngifisa ukunikhumbuza ukuthi amandla enu, ukubekezela nokuphikelela kuyisibani kwabaningi. Ungehlelwa ukuzethemba ngalokho okwaziyo. Izwi lakho limqoka, namaphupho akho afanele ukufezeka futhi lokho owehluke ngakho kwabanye yiwona mandla akho. Ningayeki ukuvula iminyango emisha, kusuke imigoqo evimbile endleleni, ube ukukhanya kwabanye. Ekugcineni amagalelo akho ayozwakala," usho kanje.







# 'IZINGQWELE' ZE-DISTRICT DEVELOPMENT MODEL ZIVAKASHELA UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA

**UNgqongqoshe weSayensi, Ubuchwepheshe nokuSungula, uSolwazi Blade Nzimande nePhini likaNgqongqoshe wezokuVikela uMnuz Richard Mkhungo, bahambele eHarry Gwala District njengoba beyiso likahulumeni kazwelonke kulesi Sifunda.**

IZIPHATHIMANDLA zikaMasipala weSifunda iHarry Gwala ziholwa iMeya, uKhansela Zamo Nxumalo, ziphelezelwa nayizimeya zomasipala bendawo mhla ka-12 Meyi 2025, zamukele uNgqongqoshe wezeSayensi, ubuChwepheshe nokuSungula uSolwazi Blade Nzimande obehambisana nePhini likaNgqongqoshe wezokuVikela noMakadebebona uMnu uRichard Mkhungo.

Lo mhlangano ubuyingxenye yokungenela kukahulumeni ngohlelo lweDistrict Development Model (DDM) lapho inhloso enkulu kusuke kungukufaka umfutho ekulethweni kwezidingo kubantu. Yonke iminyango nabathintekayo bayaba khona emhlanganweni. Njenge'ngqwele' ebhekele iSifunda iHarry Gwala, uSolwazi Nzimande uthe uyaziqhenya ngakubona

> ***Kusukela manje asisekho ezingeni lokuhlela, size lapha ukuzoqala umsebenzi, ngakho asibambisane***

kwenzeka eSifundeni lapho kubonakala khona ubumqoka bokusebenzisana koMnyango wakhe noMasipala.

"Ngifisa ukukusho ukuthi ukuzinikela koMnyango wami ekwesekeni omasipala ngohlelo lwe-DDM, kwakhelwe phezu kwesiqubulo sethu sokubeka ezeSayensi, ubuChwepheshe nokuSungula eqhulwini kuhulumeni, ezeMfundo, iziMboni noMphakathi. UMnyango wethu uthatha omasipala njengengxenye emqoka ekusebenzeni kukahulumeni ekulphuculeni












**Ukuthuthukiswa Kwesifunda okuhloswe ngakho ukusheshisa ukuhlinzekwa kwezidingongqangi ngokusebenzisa imodeli yentuthuko yesifunda.**

izimpilo zabantu, ikakhulu ezindaweni zasemakhaya ezinezidingo eziningi," kusho uNzimande.

Eqhuba uthe: "Sikholelwa ekutheni uma omasipala bengabeka ezesayensi nezobuchwephehse phambili, ngeke kwathuthuka ukusebenza kwabo kuphela kodwa kuzosiza nokwenza ngcono izimpilo zabantu. Yingakho sithi uhlelo lwe-DDM lusinika ithuba elihle lokuba umnyango ufake isandla ekusebenzeni kukaMasipala ngokukhuthaza izindlela zesimanje zentuthuko, nokubeka inqubomgomo ngento ebambekayo, kungaqagelwa."

UNzimande uphinde wanxusa omasipala ukuthi bangaqheli kubantu ababasebenzelayo. Ephawula Mnu uMkhungo, uthe bazeseka kakhulu izinhlelo ezenziwa yiSifunda.

"Kusukela manje asisekho ezingeni lokuhlela, size lapha ukuzoqala umsebenzi, ngakho asibambisane," kusho uMkhungo.

UMeya uNxumalo uzwakalise ukuthokoza ngokuhambela kongqongqoshe njengoba kunika iSifunda ithuba lokucacisa ngezinhlelo zaso nokuthola ukwesekwa okuqhamuka ezingeni likazwelonke. Ngokohlelo kuphinde kwaboniswana nobuholi beSifunda nomasipala bendawo ngesimo iHarry Gwala ekuso njengamanje, ikakhulu ekulethweni kwezidingio kubantu.



# UMKHANKASO WOKUQWASHISA NGESIHLUKU SOBULILI: SIDODISA ABAFANA ABAZOBA OBABA BANGOMUSO

**ISifunda iHarry Gwala sifukula amadoda angoomuso ukuba nekusasa eliqhakazile noguquko.**








UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala, ubambisene nomasipala bendawo, babambe umkhankaso ngaphansi kwesihloko esithi "Boys to Men Dialogue and GBVF Awareness" eMountain Hall, ku-Ward 19 eMzimkhulu.

Kulo mbuthabo bekuhlangene abafana, amabhungu, obaba nabaholi bomphakathi ngenhloso yokudingida ubumqoka bokukhula okuyikho, kuphinde kuqedwe nesihlava sokuhlukunyezwa kwabantu ngokobulili.

Lesi sithangami sihlinzeke ikhosomba eliphephile kubafana ukuba bakhulume bakhululeke ngezinselelo zabo, babhoboke ngabakwaziyo ukuze belulekwe ngokuba abazali abanokuqonda.

Kukule nkundla lapho kuthintwe kakhulu izihloko ezimayelana nobunzima obubhekene nabantu besifazane nezingane zamantombazane ngenxa yokuhlukunyezwa ngezindlela ezahlukene. Kugcizelelwe kakhulu ubumqoka bokubambisana ekuqedeni lesi sihlava.

Iznhlaka zikahulumeni, izinhlangano ezingenzi nzuzo nezomphakathi beziyingxenye yalokhu kungqumuza, zizokweseka futhi zizwakalisa ukuzinikela ekwakheni isimo esiphephile sezingane zamantombazane nabesifazane.

USomlomo kuMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Sibongiseni Mdunge, ugcizelele ukubaluleka kokulungiswa kwenkinga yophuzo oludakayo nokusetshenziswa kwezidakamizwa, okuyizona zinto ezineqhaza elikhulu ekwandeni kwezehlakalo zokuhlukunyezwa kwabesifazane. USomlomo ukhuthaze abesilisa abasebasha nobaba ukuba babe yizakhamizi ezilesabayo ihlazo, ezikwazi ukuba yingxenye yokubuyiswa kwenhlonipho emiphakathini.

# I-HARRY GWALA NESITHANGAMI SOKUBONISANA SE-G20: IMEYA IBEKA EQHULWINI INTUTHUKO YENGQALASIZINDA









**Ngesikhathi kunekundla yokubonisana ngezindaba ze-G20 eHarry Gwala, iMeya uNxumalo nebambisene nabo bakhulume ngokubaluleka kohlelo lokuthuka komnotho ezindaweni ezingamadolobha amancane.**

IMEYA yeSifunda iHarry Gwala, uKhansela Z.D. Nxumalo usekubeke kwacacela noma ubani ukuthi ukuthuthukiswa kwengqalasizinda emadolobheni asezindaweni ezisemakhaya kuseqhulwini lezinhlelo okumele zidingidwe ngokuphelele emhlanganweni i-G20 Summit ezobanjelwa kuleli ngoNovemba 2025.

UZwide uphefumule okokuqala ngephupho lakhe lokuthi indlela eya empumelelweni kwezentuthuko kumele iqale ekuphuculweni kwamadolobha amancane. UKhansela uNxumali ubekhuluma engxoxweni ekethekile ebiseSayidi FET College eKostad muva nje ngesikhathi uMasipala unenguyazana ebizwa ngeHarry Gwala District Pre-G20 dialogue.

Lesi sithangami sokubonisana besibandakanya uhulumeni, izinhlaka zomphakathi nabanye abathintekayo kuboniswana ngezihloko eziningi mayelana nezinselelo ezingathola ukubhekisiswa uma kuxoxwa ngezisombululo zokubhekana nokuntenga komnotho womhlaba nokulwa nobubha kwi-G20.

Lesi sithangami besihlelwe ngempumelelo ngokwesekwa abezokuxhumana esifundazwe, i-Provincial Government Communications and Information System Department (GCIS) . Bekuhlangene izinhlaka ezibambisene nohulumeni nomphakathi wenzindawo ezahlukene ukuze kudidiyelwe imibono ezodluliselwa emhlanganweni omkhulu we-G20 ngoNovemba.

Enkulumweni ayethule kulo mcimbi, uMhlonishwa uMeya Nxumalo, uthe kumele kugxilwe ekuthuthukiseni ingqalasizinda yemigwaqo ukuze amabhizinsi akwazi ukuxhuma ukuthuthwa kwemikhiqizo yawo kukhule umnotho.

"Ngisho kanje ngoba ukutshala imali ekwakhiweni kwemigwaqo kuzokwenza kube lula kuhulumeni namabhizinisi azimele ukuthutha impahla, kuphinde kuhambe nabantu abasebenzayo. Lokhu kuzodala imisebenzi, kukhule nomnotho jikelele," kusho uKhansela Nxumalo.

Uphakamise ukuthi ezinye izinhlelo ezihlomulisa kakhulu umnotho kumele zithole ukwesekwa ngemali, wagcizelela nokubaluleka kokuthi intsha ivele namasu amasha ekukhiqinizeni nasekudaleni amathuba omsebenzi, kunokuthi ilinde ukuqashwa ukuze iphile.

UZwide ubalule ukuthi abantu sebephelelwe umdlandla kwezolimo ngesikhathi lapho uhulumeni enza okusemandleni ukusondeza amanzi kubo. "Akusafani nakuqala lapho sasikha amanzi emfuleni, kodwa sasiphila ngokulima sidle lokho esikutshalile kunokuthenga ezitolo njengoba kwenzeka manje," kusho uKhansela Nxumalo.

Inkosi Lucky Fodo waseMzimkhulu, ugcizelele ukuthi uhlobo lwemfundo eNingizimu Afrika kufanele lushintshe ukuze kulungiswe indaba yamakhono adingwa umnotho wezwe. Uthe ulwazi olufundiwe alwanele uma lingahambisani nolwazi lomsebenzi ngezandla.

"Kumele sicabange kabusha, sikwazi ukuba nezimpendulo ezinkingeni ezikhona bese sibuyela ekulungiseni imfundo eyisisekelo nolwazi oludingekayo," kusho Inkosi Fodo.

Uthe kumele kube namaselula akhiwa kuleli futhi abe namagama aseNingizimu Afrika. Inkosi, eyethule inkulumo yayo ngesiZulu, ithe kumele kuphakanyiswe izilimi zendabuko, sifane namaShayina ahamba phambili ekusunguleni izinto kodwa konke ebe ekwenza ngolimi lwawo. "AmaShayina akha umnotho wawo esebenzisa usiko lwakubo, ulimi lwawo nendlela yabo yokuphila."

Uphonsele uhulumeni inselelo ngokuthi kumele abaholi bomdabu baziphathele ngokwabo ubunikazi bomnotho wokumbiwa phansi, kungabi ukuthi bengamele izindawo nje kuphela kodwa umnotho okuzo uphathwe engxenye.

***I-G20 Summit izohanjelwe yila mazwe alandelayo: Argentina, Australia, Brazil, Canada, China, France, Germany, India, Indonesia, Italy, Japan, Republic of Korea, Mexico, Russia, Saudi Arabia, South Africa, Türkiye, United Kingdom, and United States) and two regional bodies, namely the European Union (EU) and African Union (AU).***

# MBIZWENI MAIN SEWER COLLECTOR UPGRADE IN UMZIMKHULU TOWN (WARD 16)

CONTRACT NO: HGDM760/HGDM/2022

| Ihlelwe | Igama neSikhundla | Ukusayina | Usuku |
|---|---|---|---|
| Zimile Consulting Engineers | Nks N. Maphanga - Project Manager<br>Mnuz M. Mtimde Technician<br>Mnuz M. Cele<br>Chief Engineer, Contracts<br>Mr. N.E. Biyase, Executive Director: Infrastructure Services | | 08/08/2025 |
| **Verified by** | | | |
| UMasipala weSifunda iHarry Gwala | | | |
| **Igunyazwe ngu** | | | |
| UMasipala weSifunda iHarry Gwala | | | |

| IMININGWANE NGEPHROJEKTHI | |
|---|---|
| Igama lePhrojekthi | Mbizweni main sewer collector upgrade edolobheni uMzimkhulu (ward 16) |
| INombolo iPhrojekthi ebhaliswe ngayo | 2022MIGFDC43466314 |
| MIG-MIS number | 466314 |
| Indawo yePhrojekthi | Coordinates: Lat S 30° 27' 21.18"; Long E 30° 00' 40.48"<br>UMasipala weNdawo: uMzimkhulu LM |
| Uhlobo lwePhrojekthi | Sewer Project |
| Izindleko zonke | R 70 603 245,67 |
| MIG funds | R 70 026 257,95 |
| Imali esetshenziswe ngokwedlule (FY) | R 44 671 458,78 |
| Imali esetshenziswe nonyaka (FY) | R 25 888 615,20 |
| Imali esebenze kule nyanga (ngokwamaphepha athunyelwe) | R 0 |
| Imali esabanjiwe (kuze kube yile nyanga) | R 3,596,309.46 |
| EPWP | Yes |
| Okusha/Ukuphesha/Ukuvuselelwa | New |
| Okusha/Ukuphesha/Ukuvuselelwa | Zimile Consulting Engineers |
| Igama likasonkontileka | SSR Security T/A Mahlubi Plant |
| Usuku lokuqala | 04 Okthoba 2022 |
| Ukuqokwa kwama-Consultants | 20 Febhuwari 2020 |
| Usuku lokutholakala kwesiza | 6 Okthoba 2022 |
| Usuku olubekelwe ukuphothulwa | 28 Mashi 2024 |
| Ukubambezeleka (Chaza) | Ukubambezeleka kokugunyazwa abe-MBPAC.<br>Imvula, Ukuqhumisa, amaphampu, ukudiliva nokuxhuma. |
| Isikhathi esinwetshiwe | 117 wezinsuku |
| Isikhathi esibuyekeziwe sokuphothula 1 | 31 Mashi 2025 |
| Isikhathi esibuyekeziwe 2 | 29 Agast 2025 (TBC) |

**UBUNGAKO BEPHROJEKTHI**

IPhrojekthi ihlanganisa lokhu okulandelayo:

Ukwakhiwa kwepayipi elikhulu, ukulethwa kwe-lay, and bed yamapayipi i-UPVC aphelele nama-couplings okuxhuma, ukuhlolwa, nokuwahlanza ebudeni obuzungezayo obulandelayo:
- Rising Main pipeline - 350 mm diameter Class 12
- Rising Main pipeline - 355 Grade A Steel

Ukwakhiwa kwe-Pump Station entsha
- Ukwakhiwa ngokhonkolo kwepayipi lokuthutha ukungcola ofaswe ngezinsimbi nama-sumps
- Ukufakwa kukagesi abakwa-Eskom, okuhambisana nemali yokufaka isicelo
- Ukufakwa kwephampu kagesi yokuthutha emumatha 630kl/hour ne-motor yakhona
- Ukufakwa kwephampu kagesi yokuthutha ukungcola emumatha 45 kl/hour ne-motor yakhona
- Ukufakwa kwe-Substation engu-315kVA
- Ukufakwa kwe-generator engu-300kVA
- Ukufakwa kwama-valve (isolation, air, flow meters)
- Ukufakwa kwe-electrical control box
- Ukwakhiwa kwe-pump house, nama-valves, flow meters, pumps, nesicelo sakwa-Eskom

| Ukususwa kokusilele emuva | |
|---|---|
| Okulindelwe (isibonelo) | Okwenzekile (isibonelo) |
| UPVC pipeline 355 mm diameter– 1300m<br>Isibalo semigudu ezokwakhiwa: 4 wemigudu engu-355 mm diameter steel pipeline- 250m<br>Bulk Excavation Pump Station 8190 m3 | UPVC pipeline 355 Sewer – 1245m<br>Isibalo semigudu ezokwakhiwa - 4 wemigudu engu-355 mm diameter steel pipeline- 192m<br>Bulk Excavation Pumpstation- 7548 m3 |

| | |
|---|---|
| Inqubekela phambili (NOR) | 97% |
| Inqubekela phambili ekuqedweni kwesakhiwo | Inqubekela phambili okuyiyo 97% vs Construction Programme 97% |
| Any variance from MIG 1 (i.e., funding, scope) | Le prhrojekthi iqhubeka njengokohlelo olugunyaziwe ngobungako bezindleko zomsebenzi |
| Izizathu zezindleko ezingefani | Azikho |
| Izinyathelo ezithathiwe | Azikho |
| Umbiko wezindleko kwiMIG-MIS (Yebo/Cha) | Yebo |
| Izizathu zokungabiki ngeMIG-MIS (If no) | Akunasidingo |
| Umbiko ka-Section 71 | Yebo |

**IZINYATHELO EZIDINGEKAYO NEMPUMELELO**

**Izinyathelo ezidingekayo**
- Usonkontileka oxhume ngokungemthetho epayipini lokuthutha ukungcola uzobhekana nezindleko ezithinta ukususwa kwamanzi endle ngasemseleni. Phezu kwalokhu, usonkontileka omkhulu useyalelwe ukuba ahlanze indle emseleni ngendlela egunyaziwe.
- Usonkontileka ucele ukuletha umbiko ogcwele ngokwengezwa kwesikhathi namapheoha achaza ngezizathu zalokhu.

**Impumelelo**
- Ukwakhiwa kwepayipi elikhulu, kukhuhlwe, kufakwe nama-valve omoya kuqediwe.




- Isakhiwo sezinsimbi nesikakhonkolo sesiphothuliwe.
- Isakhiwo samatshe sesphothuliwe.
- Ukufakwa kwamaphampu nokufaswa kwamapayipi kuphelile.
- Ukwakhiwa kwe-pump station sekuphelile.
- Ukugunyazwa kokuungela ukusebenza kwamaphampu sekwenziwe.





# ISAZISO SOMPHAKATHI

## Uhlelo lukaShwele

**IMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo ukhuthaza zonke izakhamuzi ukuba zisebenzise ithuba likashwele wokubonelelwa ngezikweletu zikamasipala.**

Kusukela ngo-Agasti 2025 uMasipala uqalise uhlelo olubizwa nge-Amnesty Programme ngenhloso yokubuyisa umkhuba omuhle wokukhokhela amanzi nezenhlanzeko okulethwa umasipala.

Ngaleyo ndlela uMasipala weSifunda iHarry Gwala usenqume ukunikeza abantu ushwele kubantu abanezikweletu ezinezinsuku ezingu-90 nangaphezulu zingakhokheleki. Labo abafanele abafisa ukuhlomula kulolu hlelo, kumele beze emahhovisi kaMasipala eXobho noma eMzimkhulu okukanye eKokstad ukuze bathole amafomu okufake isicelo sikashwele. Uma usuwagcwalisile, wabuyisele kulo ihhovisi owathathe kulo ( emahhovisi kaMasipala eXobho noma eMzimkhulu okukanye eKokstad) . Usuku lokuvalwa kwalesi sibonelelo umhla ka-31 Mashi 2026. Ushwele uzosebenza ngale ndlela:


1. Uma ukhokha uhhafu wesikweletu (50%) zingakapheli izinsuku ezingu-30 usayine ifomu kashwele, uzothola isaphulelo sokwesulwa kuka-50% osele.
2. Uma ukhokha u-60% wesikweletu zingakapheli izinsuku ezingu-60 ubuyise ifomu esayiniwe, uzothola isaphulelo sika-40% esikweletini sakho.
3. Uma ukhokha 50% wesikweletu ezinsukwini ezingu-90 usayine ushwele, uzothola isaphulelo sika-30%.
4. Ukukhokha uhhafu wesikweletu sakho ezinsukwini ezingu-120 ngemuva kokusayina ushwele, kuzoba nesaphulelo sika-20%.
5. Kwabakhokha 50% wesikweletu zingakapheli izinsuku ezingu-150 usayinele ushwele, kuzoba nesaphulelo sika-10% esikweletini sakho.
6. Amakhasimende afanele ukuba kulolu hlelo lukashwele angakwazi ukukhokha ngenye yalezi zindlela ezinhlanu ayanxuswa ukuba enze uhlelo lokukhokha isikweletu emahhovisi kamasipala eKokstad, eMzimkhulu noma eXobho, eFranklin, Underberg naseBulwer.

## Amakhasimende akhuthazwa ukuba alisebenzise leli thuba likashwele.

Nokho ushwele awusebenzi eminyangweni kahulumeni ekweletayo nasezinkampanini zikahulumeni.

---

Imibuzo ingabhekiswa kulaba abalandelayo:-
**Vuyokazi Mfenqa (Senior Manager Revenue) - (039) 834 5529/8700**
Kokstad office: **Qinisile Mchunu (039) 727 2723**
UMzimkhulu office: **Khanyisile Mlaba (039) 834 5655**
Main office Ixopo: **Mbalenhle Mzizi (039) 834 8772**
Nkosazana Dlamini-Zuma (Ingwe and Kwasani):
**Lwazi Mdladla (039) 834 5682**



**UMHLONISHWA, UMEYA UKHANSELA UZ.D NXUMALO**

IKHISHWE UPHIKO LWEZOKUXHUMANA KUMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA.



# UMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA EMIDLALWENI YOMNGENI-UTHUKELA WATER

**ISifunda iHarry Gwala sikhuthaza ezempilo nobumbano kubasebenzi baso ukuze bakwazi ukuqhubeka nokuletha izidingo ezisezingeni elifanele kubantu.**

BEZIBONDIWE emidlalweni yaminyaka yonke ehlelwa aboMngeni-Uthukela Water lapho uMasipala weSifunda iHarry Gwala ubumeleleke kwinhlobonhlobo yezemidlalo mhla 26 no-27 Julayi 2025. Leli dili lemidlalo belibanjelwe esikhungweni Ugu Sport and Leisure Grounds kuqhudelana ngemidlalo izifunda zomasipala baKwaZulu-Natal. Kube yithuba elihle lokuqinisa ubuhlobo nokukhuthaza ukuvocavoca imizimba okuyimpilo.

Imbiza ibizwiwa ngothi njengoba bekudidiyelwe ibhola likanobhutshuzwayo, elomnqakiswano, ama-aerobics, i-volleyball, i-pool nezinye izinhlobo zokunyakazisa umzimba. Inhloso enkulu yikho ukukhuthaza abasebenzi ukuba banyakazise imizimba ukuze bahlale bephilile.

IMeya yeSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, uzwakalise ukuziqhenya kubasebenzi wabalula ubumqoka bemizimba ephilile ukuze balethe izidingo kubantu. "Sidinga imizimba enempilo ukuze sibe nomdlandla ofanele ukusebenzela abantu," kusho iMeya.

Lo mqhudelwano unike abasebenzi bakaMasipala weSifunda iHarry Gwala ithuba lokwakha ubudlelwano nabalingani babo bakwabanye omasipala kanye nabomkhakha wezenhlanzeko nezamanzi.

Kwabebemelwe bekukhona i-eThekwini Metro, Msunduzi Local Municipality, iLembe District Municipality, Ugu District Municipality, uMngeni Water Services, Siza Water, Msinsi Holdings, noMngeni-uThukela Water.

IMenenja kaMasipala weSifunda iHarry Gwala,



> *Yize ukuba kule midlalo ibigxile ekwakheni ubuhlobo, kodwa ikwazile ukukhumbuza abantu ngobumqoka bokubambisana nasekwenzeni indawo yomsebenzi ibe ngethokozisayo.*

